


INDLOVUKAZI YASESHEBA

 Ngithe nje ukuba leyithi kancane kulobubusuku, sibe nokubambeka ezimotweni futhi asikwazanga ukungena. Ngivamise ukuba leyithi nokho. Esikhathini esingesinde esedlule ngangikhuluma ebandleni i-United Brethren, futhi bona... umfundisi wasukuma, wayesethi, “Ngifuna ukunethulela uMnu. Branham ongasekho.” Awu, ngazalwa sekuleyithi kancane, ngaba leyithi emshadweni wami, cische amahora amabili, uma nje ngingaba leyithi emngcwabeni wami manje, kuzolunga. Yilokho ngempela engifuna ukuba leyithi kukho.

² Siyajabula ukuba lapha kulelidolobha elithandekayo. Njengoba besishayela sizungeza kulobubusuku, sehlela lapha, bengicabanga ngemuva eminyakeni eminingana edlule, ngenkathi sasinomhlangano lapha, futhi bengicabanga ukuthi isikhathi esimnandi kanjani abantu lapha abasikhombisa sona, ukuthi babekahle kanjani, neNkosi yasibusisa.

³ Futhi uMfowethu Bosworth wayenathi, usehambe wawela ulwandle manje ngakolunye uHlangothi. Ngahamba ngayombona ngaphambi nje kokuhamba. Waye, o, phezulu le ngaseminyakeni eyikhulu ubudala, wayesanda kubuya nje e-Afrika, lapho sasikade sishumayela ebuthunyweni benkolo khona ndawonye. Ngathi kuye, ngenkathi waye... Ngaphuthumela ekhaya lakhe, futhi nakho kwakulele ukhokho omncane, elele lapho efa, futhi waphakamisa... [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] “...abagibeli bamahhashi bakho.” [Akuqoshwanga eteyipini.] ...kwake kwabakhona noma ubani owayenesithunzi... [Akuqoshwanga eteyipini.]... kwakungu F. F. Bosworth.

⁴ Wayeyindoda enkulu kaNkulunkulu, omunye wabasekuqaleni. Ufika lapha eTexas, futhi wahlala edolobheni elilodwa iminyaka eyishumi futhi wasungula... [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]... amabandla ayisikhombisa, futhi, ngemvuselelo eyodwa, akazange ame, ubusuku, noma, zonke izinsuku, futhi, noma, iminyaka eyishumi elandelanayo, njalo ebusuku, ndawondawo, ebambe umhlangano we... lapha eTexas.

⁵ Nizwile ukuthi wahamba kanjani na? Cische ihora ngaphambi kokuba ahambe ukanqamula—ukunqamula indlela, wayekade elele isikhashana, futhi wasukuma, wabuka egumbini, wayesethi, “Mama!” Futhi ihora elilodwa eligcwele, noma mhlawumbe amahora amabili, waxhawulana nabangani ayebaholele kuKristu, futhi base bahamba iminyaka engamashumi amahlanu, wawela umgoqo ngakolunye uHlangothi. Wabuyela emuva wayesebeka izandla

zakhe, waziphambanisa *kanjalo*, wahamba ukuyohlangana noNkulunkulu.

⁶ Angisoze ngawakhohlwa amazwi akhe okugcina kimi, wathi, “Shesha, Mfowethu Branham, uye phesheya kwezilwandle ngokukhulu ukushesha, yilapho amasimu evuleke khona.” Futhi wathi . . .

Ngathi, “Mfowethu Bosworth, awuguli na?”

Wathi, “Akukho nokukodwa okuncu ukugula,” wathi, “sekuza isikhathi sami nje manje, ngiyiphilile impilo yami.”

Ngathi, “Kuyo yonke impilo yakho ende kaKristu, kwakuyisiphi isikhathi sakho esikhulu kunazo zonke, Mfowethu Bosworth na?”

Wathi, “Khona manje.”

Ngase ngithi, “Uyaqonda, khona-ke, ukuthi uyahamba na?”

⁷ Wathi, “Yebo kodwa, Mfowethu Branham, konke engikuphilele iminyaka engamashumi ayisithupha edlule bekungokukaKristu, futhi cishe noma ngamuphi umzuzu Uzongena ngalowomnyango ukungiyisa eKhaya.” Kunjalo.

Izimpilo zamadoda amakhulu zonke ziyasikhumbuza

Futhi singenza izimpilo zethu ziphakame kakhulu,

Ngokuhlukana, sishiya ngemuva,

Amanyathelo ezihlabathini zesikhathi.

⁸ Ngicabanga ngobufakazi bakhe, futhi ngicabanga ngoPaul Rader, ngenkathi ehamba. Bangaki abake bamazi uPaul Rader na? Abaningi benu bantu. Wayeyindoda enkulu kaNkulunkulu, waya eCalifornia. Ngangivame ukuhlala ezinyaweni zakhe ngenkathi ngisengumfanyana. Futhi yena noLuke bathi ukunamathelana ndawonye, njengendodana yami nami, uBilly. Futhi ngenkathi efa, iMoody Bible Institute yaseChicago yayithumele abacula ngabane phansi ukuba bacule, futhi babecula uhlobo lweculo elinensayo, *Eduzane, Nkulunkulu Wami, KuWe*.

⁹ Futhi uPaul, uma benimazi, wayehlala njalo enamancoko. Wabhala leliculo, iculo lami eliyinqikithi, *Kholwa Kuphela*. Futhi wa—wayenamancoko, wayehlale ekhuluma okuhlekisayo okuthize, njengoMfowethu Bosworth, ngakho ngenkathi becula, *Eduzane, Nkulunkulu Wami, KuWe*, wasukuma embhedeni, wathi, “Anisho, ubani ofayo lapha, yimina noma yinina na?” Futhi wathi wa—wathi, “Donsa . . .” wathi, “Phakamisani lezo zisitho, bese ningiculela amanye amahle ngempela, amaculo eVangeli asheshayo.”

Futhi bacula, “Phansi esiphambanweni lapho uMsindisi wami afela khona.”

Wathi, “Lokho kuzwakala kangcono.” Wathi, “Uphi uLuke na?”

Futhi uLuke wayengafuni ukubona umfowabo efa, ngakho wayekwelinye igumbi. Futhi wathi, “Ukwelinye igumbi.”

Wathi, “Mtsheleni eze lapha.”

¹⁰ ULuke, umfo omkhulukazi, uma nonke benimazi. Yena, noPaul, noBilly Sunday, no F. F. Bosworth, nabo bonke babe, ngezinsuku zabo, baphatha iVangeli osukwini lwabo. Ngakho manje-ke, ngenkathi be...ULuke wathi kuPaul, noma uPaul wathi, njalo, kuLuke, wabamba isandla sakhe, wayesethi, “Kucabange, Paul, noma, Luke, sihambe ibanga elide sindawonye, asihambanga na?”

Wathi, “Yebo, sihambile Luke, noma, Paul.”

UPaul wathi kuLuke, “Sisuka kude.”

Wathi, “Yebo, sisuka kude, Mfowethu.”

¹¹ Kodwa wathi, “Kucabange, emizuzwini emihlanu kusukela manje ngizobe ngimi eBukhloneni bukaJesu Kristu, ngembethe ukulunga kwaKhe,” wacindezela isandla somfowabo, wayesefa.

Ngicabanga ukuthi kwakunguBalami owathi, wasendulo, “Mangife njengabo.”

¹² O, sonke siyajabula ukuba ngamaKristu, asijabuli na? Ngiyamangala ukuthi yini ebesingabheka kuyo kulobubusuku ukuba bekungesikho okukaKristu na? Iliphi ithemba ebesiyoba nalo na? Besingahlala kuphi na? Besingasekela kuphi noma yini ibe yisisekelo namhlanje, ngaphandle kukaKristu na?

¹³ O, mngani oyisoni, wena okulelihholokazi elincane kulobubusuku, ake—ake ngikwexwayise: Balekelani ulaka oluzayo. Yinye kuphela iNdawo yokuCasha, ngiyajabula ukuthi uNkulunkulu wenza uMuzi wokuPhephela, uKristu Jesu, esingagijimela kuwo, futhi siphephile.

¹⁴ Kamuva nje bengiseNdiya, eBombay, lapho thina, iNkosi isivumele sishumayele esixukwini esikhulu kunazo zonke... [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]... izinkulungwane zabomdabu boblankethe bephula izithixo zabo emhlabathini, bemukela uKristu njengoMsindisi. Ngiqagele eNdiya kwakuphindwe kathathu lokho, kodwa asikwazanga ukubabala. Futhi ngi... .

¹⁵ INdiya yizwe okungenanani elikhuluma izilimi ezimbili. Niyazi yayingeyNgilandi, futhi kamuva nje ithathe inkululeko yayo ekubeni ngabinamali, kusobala, kwase kuthi-ke, babengenamali, futhi banikwa inkululeko yabo, njalo. Kwase kuthi-ke, ngathatha iphephandaba futhi ngangifunda ohlwini lesiNgisi, futhi kwathi, “Ngicabanga ukuthi ukuzamazama komhlaba sekuphelile manje, izinyoni zonke ziyabuya.” Futhi ngithanda ukuthatha umzuzwana nje, nginitshela indaba.

¹⁶ ENdiya bampofu kakhulu, ngikholwa ukuthi indawo ehlaselwe ububha kakhulu engake ngaba kuyo, empilweni yami, kwakuseNdiya. Nina bantu aniqondi nje kuze kwenzeke ukuthi uye lapho kanye, nibone omama abancane belele emgwaqeni, izingane zabo ezincane zingenanyama ebusweni bazo, izisu ezincane zivuvukele, babulawa yindlala, becela abangakudla. Bekucela ukuba uthathe ingane, umyeke yena afe, kodwa uzame ukusindisa ingane yakhe. Uthatha *lona*, uthini ngalowo, *lona*, *lowo*, *lowo* na? Nje yonke indawo. Impela kuyinto efikiselana umunyu, ne—nenhliziyo yami yephuka ukubona iNdiya. Ngithemba ukubuyela emuva futhi ngalekwindla.

¹⁷ Ephephandabeni, kwasho ukuthi zonke izinyoni zazindize zasuka ezingoxeni zazo. ENdiya, abanalo uthango oluhle njengoba ninalo lapha eStates, ucingo oluphiciweyo, kanjalonjalo, nothango oluhle olwenziwe ngezinti ezicijile phezulu, bacosha amatshe ikakhulukazi, bese bebeka amatshe ndawonye. Kunabantu abayizigidi ezingamakhulu amane namashumi ayisikhombisa eNdiya, futhi ngokwethembeka, ngiyazi ukuthi nginehaba, kodwa ngingaqagela ukuthi izinxibi eziyizigidi ezingamakhulu amane, zivele nje, azazi lutho ngaphandle kokunxiba. Banenqwaba yengebebo yemvelo, kodwa hhayi umqondo wokuyithuthukisa, abakwaziyo kuphela ukunxiba nenkolo.

¹⁸ Futhi ngabungazwa ngaleyontambama ethempelini lamaJain, lezinkolo eziyishumi nesikhombisa ezehlukene, futhi bonke baphika uJesu Kristu, noma, Yena enguNkulunkulu. Ngakho ungazibonela ukuthi bayini. Bayakholwa, iningi labo, ekuzalweni kabusha, bashanela imigwaqo lapho beya khona, ukuze bangezukunyathela kakhulu njengezeze elincane, noma intuthwane, ukuthi kungahle kube ngumama wabo obuyeke kulesosimo, noma okuthize. Manje, ukushumayela umhlatshelelo weGazi kubantu abanjalo!

¹⁹ Kodwa ngalobobusuku ngenkathi uMoya oNgcwele ufika enkundleni! Indoda eyimpumpithe ngokuphelele yama lapho, ngibone umbono yayizokwemukela ukubona kwayo, ngathi, “Nginiphosela inselelo nonke nina bakaMohamede, nonke, amaJain, amaSikh, noBuda, nabanye, ukuba nize lapha futhi ninikeze lendoda ukubona kwayo.” Ngathi, “Yini izethameli eziyithulele kangaka na?” Ngathi, “Ningeke nakwenza, nami ngeke, kodwa uNkulunkulu waseZulwini, Owavusa uJesu Kristu kwabafuleyo, uthembise lezizinto esizibonayo. Futhi ngisanda kubona umbono,” ngangingeke ngikusho lokho ukuba ngangingawubonanga umbono, “indoda izokwamukela ukubona kwayo.”

²⁰ Ngathi, “Manje, uma abaprofethi bakaMohamede bebakhulu kakhulu, mabeze ngaphambili futhi bayinike ukubona, futhi ngizoba ngokaMohamede.” Ngathi, “Nicabange ukuthi bekungukufunda ingqondo, bengifunda umqondo

wayo ngenkathi ngiyitshela ukuthi ibifanele ibe namadoda angcwele. . .” O, ufanele nje uye lapho, cishe, ukukuqonda.

²¹ Ngathi ukuthi yona, “Lendoda iyimpumputhe, yaphuphutheka ibuka ilanga, ingumkhonzi welanga. Yakhonza okudaliweyo esikhundleni soMdali, siyakwazi lokho.” Ngase ngithi, “Ubungenzenjani ukuba amaSikh abefuna ukuyiguqula ekukhulumeni kwawo na? Noma uma amaJain eyifuna kweyayo, yini okunye, bebeyokwenzani na? Nje ashintshe indlela yayo yokucabanga. Sinento efanayo e-United States, uNkulunkulu oyedwa kuphela.”

²² Ngathi, “Onke amaMethodisti afuna ukwenza bonke amaBaptisti, amaMethodisti; amaBaptisti afuna ukwenza bonke amaPresbyterian, amaBaptisti; iPentecostal ifuna ukuthatha yonke into. Ngakho nakho lapho okhona. Kuyini na? Guqula indlela yakho yokucabanga. Kodwa kuzofanele kubekhona into ethize elungile, nento ethize engalungile.”

²³ Ngabamba iKoran ngesinye isandla, iBhayibheli ngesinye, ngathi, “Okunye kwakho kuqinisele, futhi okunye kunephutha. Kokubili angeke kulunge, ngoba kwehlukene kakhulu, okunye kokunye.” Ngathi, “Kodwa uma uJesu Kristu, Ongibonise umbono ukuthi izokwemukela ukubona kwayo, uma yemukela ukubona kwayo, bangaki kini bantu manje, nibona ukuthi umpristi wenu, noma akekho omunye lapha ngayinika ukubona kwayo, nendoda ithi izokhonza uNkulunkulu oyinika ukubona kwayo, manje, uma uJesu Kristu ezobuyisela ukubona kwayo, bangaki kini abazokwemukela uJesu Kristu abe nguMsindisi wenu na?”

²⁴ Nje kuze kuyofika lapho okuphela khona amehlo akho, lezozandla ezimnyama emoyeni, kwakulinganiselwa kubantu abayizinkulungwane ezingamakhulu amahlanu. Ngakho, futhi ngenkathi leyondoda isithole ukubona kwayo, yangidumela ngasokhalweni. Manje, imeya yaseBombay, nganginalo igama layo, ngiliphethe isikhathi eside ephaketheni lami, yayihlezi khona lapho. Futhi, ngani, babenombutho, badabula izicathulo zami, amaphakethe ami aphuma ebhantshini lami, babengaba ngabantu abangamashumi amabili noma amashumi amathathu, nalabo nogada bezama ukubavimba, nalabo besifazane abancane babegijima phezu kwalabo nogada, ukusondela nje kuphela lapho obukhona, akuthinte, adedele ingane isondele eduze kwakho, noma okuthize.

²⁵ Cabanga, futhi bona balambile futhi bomele uNkulunkulu kanjalo, futhi ucishe impela ufanele uqashe abantu e-United States ukuba beze bezozwa iVangeli, noma baye esontweni ngoLwesithathu ebusuku. Lokho ngukuthi, kuyadabukisa.

²⁶ Ukuqeda indaba yami, izinyoni ezincane zingena kulawa. . . zakha izidleke zazo kulamadwala, kanti futhi, izinkomo nezimvu ziyangena zivela emadloleni, futhi zime ntambama

zizungeze umthunzi walezizindonga, ukuvimbela ukushisa, imisebe eqondile yalelolanga lasezindaweni ezishisayo. Futhi khona manjalo lezozinyoni zandiza zasuka ekhaya lazo futhi zaphumela emasimini, ezihlahleni nasemahlathini, izinkomo zaphuma ngasezintangweni, izimvu zaphumela endle futhi zama zencikene, kukhona okwakuzokwenzeka.

²⁷ Khona manjalo, nakho kufika ukuzamazama komhlaba kwamazamisa phansi zonke izindonga. Ukuba izinyoni ezincane zazihlale ezidlekeni zazo, zaziyo bulawa, ukuba izinkomo nezimvu zazihlale zazungeza lezozindonga, zaziyo bulawa. Zahlala phandle lapho izinsuku ezimbili, ngoba kwakukhona, njalunjalo, ukuzamazama komhlaba kuzana, okuncane nokukhulu. Kwase kuthi emva kwesikhashana, izinkomo nezimvu zabuya futhi, izinyoni zandiza zabuyela kulawo makhaya ezaziwashiyile esidlekeni emadwaleni, kanjalonjalo. Nephepha lathi, “Leso yisibonakaliso sokuthi ukuzamazama komhlaba sekuphelile.”

²⁸ Manje bukani, uNkulunkulu owahola izinyoni, nezimvu, nezinkomo zingene emkhunjini nguNkulunkulu ofanayo ongazihola namhlanje, Wakwenza. Futhi uma inyoni, isilwane, ngokuzibonela ngokwemvelo, sazi ukuthi kusukwa kanjani emibhoshongweni emikhulu yaseBabele elungiselela ukuwa, bafanele kakhulu kangakanani abesilisa nabesifazane abazelwe ngokusha ukwazi ukuthi kubalekwa kanjani uphume, bancikane na?

²⁹ Uma sake sabakhona isikhathi esifanele sencike komunye nomunye, sikhona manje. Hlanganani, sonke ndawonye, futhi sihlale ndawonye, ngokuba imibhoshongo emikhulu yale enkulu, inqubo eyenziwe yizwe izodlula, ukuthi ukukhishwa koMbuso ongenakuphela, isikhathi seminyaka eyiNkulungwane sizoqala ngolunye lwalezizinsuku. Phezu kwalokhu, asisondele eZwini manje, futhi ngaphambi kwalokho, asikhothamise amakhanda ethu senzele umkhuleko.

³⁰ Ngiyazibuza, ngaphambi nje kokuba sikhuleke, uma engaba khona noma yimuphi owesilisa noma owesifazane ngaphandle kukaKristu, ongathanda ukukhunjulwa kulomkhuleko, ungasiphakamisa isandla sakho na? Uthi nje, “Ngikhumbule, Mfowethu Branham.” UNkulunkulu akubusise, ubuqotho bakho. Kuyamangalisa! Kwangathi uNkulunkulu angakuzwa. UNkulunkulu akubusise. Izandla eziyidazini noma ngaphezulu. UNkulunkulu akubusise, nenekazi, lokho kuhle. Emuva le ngemuva, uNkulunkulu uyazibona izandla zakho, impela, Uyazibona. UNkulunkulu akubusise, mnumzane.

³¹ Baba wethu waseZulwini, siza sisondele esihlalweni saKho sobukhosi sobulungiswa, futhi uma besingathola ubulungiswa, besizosulwa nje kalula ebusweni bomhlaba, kodwa siza phansi kweGazi likaJesu, ngokuba Washo emaZwini aKhe uQobo,

“Uma nicela noma yini kuBaba eGameni laMi Ngiyokwenza.” Futhi siza eGameni leNkosi uJesu, singaceli ubulungiswa, Nkosi, kodwa sicela umusa.

³² Indaba nje, Baba, kulesosiqeshana sephephandaba esinaso lapho, ukuthi lezozinyoni ezincane zandiza zasuka, zabaleka. O, uNkulunkulu ofanayo owayengabangenisa emkhunjini, futhi ngaphambi kwembubhiso yangaphambi kukazamcolo unguNkulunkulu ofanayo namhlanje, angadonsa izinyoni zaKhe nezilwane zaKhe zisuke engozini, impela, Nkosi, Ungasexwayisa ukuba sibalekele ulaka oluzayo.

³³ Ngokuba izizwe zonile, futhi zaphendukela uNkulunkulu, zihlubukile ezinhliziyweni zazo. Futhi masinya siyaqonda ukuthi kuzoba nokuqhuma kwe-atomu emhlabeni wonke, okuzamazamisa lelizwe lingene ekusaseni, iPhakade lethu. Khona-ke ngokunye ukusa okuhle, iNkosi uJesu neBandla laYo bazobuyela emhlabeni.

³⁴ O, ngalolosuku, Nkulunkulu! Yilokho izinhliziyo zethu ezikulangazelelayo, lapho abadala bezoba basha lapho kuze kube phakade, ngeke besabakhona abantu abadala, futhi ngeke lusaba khona usana lwezinsuku, bayoba nje kulobo bukhazikhazi bobusha kuze kube phakade. SiyaKubonga ngaleliqiniso elikhulu, Nkosi, nakuba kubonakala kukude kithi manje, kodwa nokho, kungahle kungabi njalo kuze kube kusasa, size sikubone.

³⁵ Ngiyakhuleka, Baba, ngalaba abaphakamise izandla zabo ngenhlonipho yokuzithoba nangobuqhawe kulobubusuku, ukuthi bebefuna ukwemukela Wena njengoMsindisi wabo, bafuna ukukhunjulwa emkhulekweni. Nkulunkulu, akukho-muntu ezweni owenele ukuhola abantu abanjalo, ngiyaqonda ukuthi nguMoya waKho owenza lokho. Wena wathi, “Akekho ongeza kiMi, uma uBaba engamdonsi, nakho konke uBaba aNgiphe khona kuzoza.” Baba, ngikhulekela ukuthi Uzobasindisa kulobubusuku.

³⁶ Kwangathi okuthile kungashiwo noma kwenziwe ngendlela yokuthi bazokwemukela Wena njengoMsindisi wabo, futhi sigcwaliswe ngoMoya oNgcwele waKho, ngokuba siyaqonda ukuthi labo ababekwe uphawu, izinhlupho iyaliwe ukuba zingasondeli kunoma yimuphi walabo abanoPhawu lukaNkulunkulu emabunzini abo. Siphe khona, Nkosi. Sindisa osindisekayo kulobubusuku, ugcwalise ngoMoya oNgcwele labo abawulindle, futhi uphulukise bonke abagulayo nabahluphekile.

³⁷ Busisa abangcwele, Nkosi, baphe isibindi esisha, kwangathi bangabopha izikhali ngokuqina kancane. Busisa onke amabandla, onke amahlelo. Nkulunkulu, sikhulekela ukuthi izingalo zaKho zomusa zizofinyelela kubo, nemvuselelo izobhobokela kuwo onke amabandla kulomphakathi lapha,

futhi kuzobakhona ukuhlangana ndawonye njengo, umoya ovunguzayo. Siphe khona, Baba. Thumela imvuselelo kulababantu abamangalisayo lapha abaKuthandayo. Ngikhulekela ukuthi Usithethelele amaphutha ethu nezono. Manje, Baba, sifihle isikhulumi, kulobubusuku, eGazini leNkosi uJesu, ngokuba siyakucela, eGameni laKhe. Amen.

³⁸ Emibhalweni yeVangeli kulobubusuku, eNcwadini kaMathewu oNgcwele isahluko 12, nevesi 42, sifisa ukuthatha indikimba lapho yengqikithi encane, iNkosi ithanda.

³⁹ Kulokhu ukusa nje ngidingeke ukuthi nje, engikubiza ngokuthi, ngikhulumele uMfowethu Moore. UMfowethu Moore udingeke abuyele ekhaya, ngokuba uletha umkakhe, kanye nabo, ezansi ekuseni, futhi simlindile ukuba afike. UMfowethu Moore ungumphefumulo omkhulu kaNkulunkulu, indoda enkulu kaNkulunkulu. Ngimaze kusukela ngiseyi—i, awu, waqala enkonzweni, eminyakeni eyishumi nane edlule enkonzweni yokuvangela. Ube sezindaweni eziningi emhlabeni jikelele. Ngimtholile, akekho lapha kulobubusuku ngakho-ke ngingakusho lokhu, owangempela, umKristu oluhlaza sasibhakabhaka weqiniso, indoda yangempela kaNkulunkulu, uMfowethu Moore, unebandla elimangalisayo enhla lapho eShreveport. INkosi iyambusisa.

⁴⁰ Manje, kuMathewu oNgcwele 12:42:

Futhi indlovukazi yaseningizimu iyakusukuma ekwahlulelweni kanye nalesisizukulwane, isilahle: ngokuba yavela emikhawulweni yomhlaba izakuzwa ukuhlakanipha kukaSolomoni; futhi, bhekani, kukhona lapha omkhulu kunoSolomoni.

⁴¹ UJesu wayekade ebasola abantu, futhi, ngenxa yokuthi babengawuqondanga kahle uMlayezo waKhe, futhi babezama ukuWenza into ethize oWawungesiyo. Wayekade esemizini yabo, futhi wayekade enza izimangaliso, futhi ekhombisa isibonakaliso saKhe sobuMesiya kubantu, njengoba sikhulume ngaso izolo ebusuku. Futhi sithola ukuthi labo ababemiselwe ukuPhila bakubona, labo ababengakumiselwe ukuPhila abakubonanga.

⁴² IVangeli liphuphuthekisa labo a—abangafuni ukukwemukela, futhi kuzonikeza ukubona kulabo abavumayo ukukwemukela. Futhi yileyondlela okwakungayo ngezinsuku zaKhe, lapho umBhalo ngokusobala uzisho impela izinto Azenza, futhi wathi Uyokwenza, nokuthi bakugeja kanjani, kwakhombisa ukuthi babefanele baphuphuthekiswe.

⁴³ Futhi ukucabanga ngakho, lawomaJuda ampofo ayephuphuthekile ukuze amehlo ethu engahle abe nethuba lokuvulwa. Futhi manje, iVangeli elifanayo elaphuphuthekisa amaJuda liphuphuthekisa ibandla, into efanayo yethenjiswa

impela, futhi kuhamba amamayela ayisigidi phezu kwamakhanda abo. Ngiyajabula ukuthi niyakuqopha lokho.

⁴⁴ Ngiyazi ukuthi lowo ngu ISHO KANJE INKOSI ukuthi i—iVangeli, iVangeli elifanayo elaphuphuthekisa amaJuda manje liphuphuthekisa abeZizwe, ngoba yiVangeli elifanayo, ngokuba alikho elinye iVangeli ngaphandle kweVangeli leNkosi uJesu Kristu. Sinezivumokholo eziningi, kodwa linye iVangeli. Yini iVangeli na? IVangeli alifikanga ngeZwi kuphela, kodwa ngamandla nesibonakaliso, izibonakaliso zikaMoya oNgcwele, uNkulunkulu enza iZwi laKhe lifezeke.

⁴⁵ Kwakufanele kube yilokho, ngokuba kuMarku 16 Wathi, “Hambani niye ezweni lonke nishumayele iVangeli. Lezizibonakaliso ziyakulandela.” Noma kungenjalo, “Hambani niye ezweni lonke, futhi nibonakalise amandla okuvuka.” Akafile, kodwa Uyaphila. Futhi Wethembele kuwe nami ukuba siMvumele asebenze ngathi ukwenza intando yaKhe.

⁴⁶ Futhi uma noma yini esike sisondele kuyo engesiwo umBhalo, ubophezelekile ukuba uze usitshela ngakho. Kufanele kuvele eBhayibhelini, ngeBhayibheli, kufanele kubambisane nayo yonke imiBhalo, futhi kube kahle. Uma kungenjalo, khona-ke si—silungele ukusho ukuthi kuyiphutha. Futhi uma iNgelosi, noma, evela eZulwini, kumbe noma yini enye, ibingeza ishumayele noma yini enye engekho kuleliBhayibheli, ningakulaleli. *Leli* yiZwi likaNkulunkulu, neZwi likaNkulunkulu kuphela, futhi siyazi ukuthi Liqinisile.

⁴⁷ Manje, sithola ukuthi uJesu ngokwenzisisa, futhi, wenelise lonke ikholwa elaliMkholwa, njengoba Athi, “Izimvu zaMi ziyalizwa iPhimbo laMi, umfokazi azisoze zamlandela.” Futhi sitholile izolo ebusuku, ekunikezeni lokho uNkulunkulu athi Uyoba yikho lapho Efika, lokho umprofethi akhuluma ngakho, ukuthi Wayezoba nguNkulunkulu-mProfethi. “INkosi uNkulunkulu wenu iyakuvusa umProfethi onjengami.” Futhi babazi ukuthi uMesiya wayezoba... isibonakaliso sikaMesiya sasizoba ngumprofethi.

⁴⁸ Lapha esikhathini esithize esedlule, ngikhuluma norabi, lapho indoda, uJohn Rhyn, wayekade eyimpumputhe iminyaka engamashumi amabili, wamukela ukubona kwakhe, enxiba emigwaqeni eFort Wayne.

Nalorabi wangibizela phakathi, wayesethi, “Uwavule ngaliphi igunya amehlo kaJohn na?”

Ngathi, “Angizange ngiwavule amehlo akhe.”

Wathi, “Awu, ukwenze kanjani wena na?”

Ngathi, “EGameni leNkosi uJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu.”

Futhi wathi, “Makube kude noNkulunkulu ukuba neNdodana! UMoya wawungaba kanjani neNdodana na?”

Ngathi, “Rabi,” ngathi, “Ngingathanda ukukubuza okuthize: Ungabakholwa abaprofethi na? Bekungeke kube nzima kuwe ukuba ukholwe ngabaprofethi na?”

Wathi, “Impela, ngiyabakholwa abaprofethi.”

Ngathi, “U-Isaya wakhuluma ngobani ku 9:6 ngenkathi ethi, ‘Sizalelwe uMntwana, siphwiwe iNdodana na?’”

“Awu,” wathi, “lowo kwakunguMesiya.”

Ngathi, “Unabudlelwane buni uMesiya kuNkulunkulu na?”

Wathi, “UnguNkulunkulu, OGcotshiweyo.”

Ngathi, “Ngitshele indawo eyodwa uJesu ake ehluleka kuyo, ngaphandle kwalokho Akukhombisa ukuthi WayenguMesiya oGcotshiweyo, iNkosi uNkulunkulu wakho na?”

Futhi wathi, “Awu, wayeyisela.”

Ngathi, “Wayeyisela kanjani na?”

Wathi, “Weba ummbila khona impela ensimini yombila.”

⁴⁹ Ngathi, “Rabi, umthetho wenu uqobo wathi umuntu angadlula ensimini yombila futhi adle afuna ukukudla, kodwa akakwazi ukukhipha noma yini esikhwameni.” Wayengakwazi ngisho lokho, engurabi. Akakwazi ukukhipha noma yini, kodwa wayevumelekile, U . . . Ngathi, “Akazange ebe.” Niyazi, loworabi wama lapho imizuzu embalwa. Ngase ngithi, “Rabi, awukholwa ukuthi WayeyiLokho na?”

Wathi, “Buka, mnumzane,” wathi, “uma ngishumayeke lokho, bengiyoba sezansi lapho esitaladini, nginxiba.”

⁵⁰ Ngathi, “Ngingaqoka ukuba sezansi lapho nginxiba, futhi ngiphuze amanzi egatsha, kunokudla inyama yenkukhu kathathu ngosuku, negama lami liyigolide kulelithempeli lapha, futhi ngazi ukuthi ngangisephutheni. Bengiyoqoka ukuba neqiniso.”

Futhi waqala ukukhala, futhi waphenduka, wathi, “Ngizokubona kamuva.”

Ngathi, “Awuqotho kimi, Rabi.”

Wathi, “Ngikholwa ukuthi ukuba labobapristi basethempelini bebeyoMlalela, ngabe singcono namhlanje.”

Ngase ngithi, “Khona-ke uyakholwa. Kuthiwani ngakho na?”

Wathi, “Ngikholwa ukuthi WayenguMuntu olungileyo.”

Ngathi, “Rabi, uyakholwa ukuthi WayenguMuntu olungileyo na?”

Wathi, “Ngizohamba kakhulu kunalokho nawe, ngikholwa ukuthi Wayengumprofethi.”

⁵¹ Ngathi, “Yilokho kuphela engifuna ukusho. Khona-ke Wathi WayeyiNdodana kaNkulunkulu, futhi khona-

ke, uma Wayengumprofethi, Angeqambe amanga, ngakho khona-ke, uyakholwa ukuthi WayengumProfethi, iNdodana kaNkulunkulu, Wakhombisa isibonakaliso sikaMesiya.”

Futhi akabange esakhuluma nami, futhi wangena endaweni.

⁵² O, mfowethu, ukuthi lolothando lwemali luyokwenzani! Uthando olunjani lohlobo oluthile lobufundisi oluyokwenza! Kodwa uthando lukaNkulunkulu luyokwenzani ngaleyonkathi, enhliziyweni evumayo ukuzinikela entandweni nasezindleleni zikaNkulunkulu!

⁵³ UJesu wayefakazisile kubo, wathi, “Uma Ngingenzi imisebenzi kaBaba waMi, khona-ke ningaNgikhholwa, kodwa uma Ngenza imisebenzi,” wathi, “lalelani imisebenzi khona-ke, uma ningenakuNgikhholwa.”

Bathi, “Yena, engumuntu, uzenza uNkulunkulu.”

Wathi, “Uma Ngenza imisebenzi kaNkulunkulu, khona-ke uzothini ngayo na?” ngenye indlela.

⁵⁴ Manje, sithola ukuthi Wazenza lezozinto, lezozibonakaliso nezimanga phambi kwabo. Futhi abaningi babo... AbeZizwe abazange bazibone ngoba babengazi lutho ngoMesiya ozayo, kodwa amaJuda namaSamariya basibonile lesosibonakaliso sikaMesiya, kwathi nje besibona, bathi, “Rabi, Wena uyiNdodana kaNkulunkulu; Wena uyiNkosi ka-Israyeli.”

⁵⁵ Owesifazane emthonjeni wathi, “Siyazi ukuthi uMesiya uyeza futhi uzokwenza lezizinto, kodwa Wena ufanele ube ngumprofethi wakhe.”

UJesu wathi, “NginguYe.”

⁵⁶ O, akaze abekhona umuntu owayengasho lokho ngaphandle kwaKhe, angeke aphinde abe khona, ngoba WayenguYe kuphela. Kunjalo.

⁵⁷ Manje, futhi behluleka ukukubona, futhi ngenkathi bekubona, bahlekisa ngakho futhi bathi Wayenza lokho ngomoya omubi, ukuthi kwakunguBelzabule. Ngamany’amazwi, uBelzabule ungudeveli, ngamany’amazwi, amandla kadeveli, Wayengumbhuli. Futhi babesho ukuthi ungumbhuli ngoba Wayekwazi ukubona imicabango emiqondweni yabo, futhi abatshela, “Nizindlelani enhliziyweni yenu na? Ngakubona ngenkathi ungaphansi kwesihlahla. Igama lakho unguSimoni, igama likayihlo nguJona.”

“Ngani,” ba—bathi, “yena ungumbhuli.”

⁵⁸ NoJesu wathi, “Ngizonithethelela ngokusho lokho, kodwa ngelinye ilanga uMoya oNgcwele uyeza, nokukhuluma ngokumelene naLokho akuyikuthethelelwa kulelizwe, nasezweni elizayo.” Ngakho ubucayi esibhekene nabo kulolusuku esikhathini sokuphela!

⁵⁹ Ngikhuluma ngesikhathi sokuphela, isibonakaliso esanikwa uLoti ezinsukwini zakhe siyobonakala futhi ngosuku lokugcina, noJesu emi lapho ngalesosikhathi ekwenza, futhi bathi... Ekhuluma ngezinsuku ezedlula, futhi Wathethisa imizi, futhi wabatshela ngokungakholwa kwabo, nobulukhuni bezinhliziyi zabo, kwase kuthi-ke, ekugcineni, Uqala ukukhuluma kubo ngoNkulunkulu.

⁶⁰ Futhi uNkulunkulu kuyo yonke iminyaka nazo zonke izikhathi ubelokhu enezibonakaliso nezimanga phakathi kwabantu baKhe. Akukaze noma ngasiphi isikhathi noma ngamuphi unyaka, ngifuna noma yimuphi usomlando ukuba ahambe nami emuva ngisho nase *Nicene Council*, noma ngisho i*Pre-Nicene Council* emlandweni, futhi athole ukuthi ngabe kukhona yini e, noma ngasiphi isikhathi kwehle ngoLuther, uMartin, uJohn Smith, uMoody, uSankey, uCalvin, uKnox, uSpurgeon, noma ngasiphi isikhathi abake baba nokuthululwa kwangempela kwemvuselelo, babenamandla kaNkulunkulu ebonakaliswe phakathi kwabo ngezibonakaliso, izimanga, ukukhuluma ngezilimi, izibonakaliso, ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu, nokunye nokunye, lutho nakanye.

⁶¹ Futhi njalo lapho beqala imvuselelo, omunye wasukuma futhi waqala inhlango emva kwayo, futhi yafa, futhi ayizange ibuye futhi. Hlolani imiBhalo, hlolani umlando, futhi nithole ukuthi ngaso sonke isikhathi bake bahlela inkolo yobuKristu, yafa khona lapho, futhi ayizange iphinde ivuke, ingeke.

⁶² Kuphakathi kokuthi uNkulunkulu uzohola iBandla, noma uMoya oNgewele uzoLihola, noma umuntu uzoLihola. Uma ukhetha umuntu, iqhubeka, uNkulunkulu udonsa iBandla laKhe alikhiphe ngqo, iNsika yoMlilo iqhubekela phambili, neBandla lihamba naYo.

⁶³ Unabantu ngamunye kuwo onke amabandla, zonke izinhlobo ezahlukene zamabandla. Uma umuntu eyiKatolika, futhi ethembele ebandleni eliKatolika ngensindiso, lowomuntu ulahlekile, kodwa uma eyiKatolika, futhi ethembele kuJesu Kristu ngensindiso, “Ngokukholwa nisindisiwe, futhi lokho ngomusa kaNkulunkulu.” Noma ngabe uyiBaptisti, iPentecostal, noma ngabe uyini, ngukukholwa kwethu, ukukholwa kwethu siqu ekufeni, ukumbelwa, nokuvuka kukaJesu Kristu, uMsindisi wethu.

⁶⁴ Ungalokothi udwebe imincele yezinhlango, sikholwa ukuthi bonke abantu banjalo, banelungelo lokuba ngumKristu, “Othandayo, makeze.” Akunandaba ukuthi mbala muni, isivumokholo, ukuthi uyini, uma eyikhola eNkosini uJesu Kristu, futhi eMemukele njengoMsindisi oqondene naye, usindisiwe ngokukholwa, lowo ngumusa kaNkulunkulu owambizayo.

⁶⁵ Manje, sithola ukuthi kuyo yonke iminyaka uNkulunkulu ubelokhu enezibonakaliso nezimanga nabantu baKhe, kuyo yonke iminyaka, wonke unyaka. Futhi sibuyela emuva, uJesu wayebhekisela emuva kubo ngenkathi Ebona ukuthi babengeke baMkholwe njengoMesiya, futhi Uqala ukubhekisela emuva eminyakeni ngaleya, Wathi, “Ngiqinisile, Ngithi kini uJona, ngezinsuku zikaJona . . .”

BabeMcele isibonakaliso, bathi, “Sikhombise isibonakaliso.”

⁶⁶ Niyabo, akunandaba ukuthi zingaki izinto ezenzekile, abakubonanga. Leyo yinto efanayo namhlanje, ngani, abantu bahlala ngqo omunye eceleni komunye kanjalo, nomunye angabona amandla nenkazimulo kaNkulunkulu, nomunye akaboni lutho. Ngani, njengoPawulu, iNsika yoMlilo, Yayiyiyo, WayengaYibona kahle, kodwa labo ababemi ngakuye abakwazanga ukuYibona. Izazi zabona iNkanyezi, akekho omunye owayibonayo, iza ngqo phezu kwezibukeli, nakho konke okunye, ngoba babengakubhekile; ufanele ubheke okuthize. Ufanele uze namathemba, uholwa nguMoya oNgcwele, khonake uNkulunkulu uzoZembula kuwe.

Manje, sithola ukuthi bathi, “Sifuna isibonakaliso esivela kuwe.”

Futhi Wathi, “Isizukulwane esibi nesiphingayo sifuna izibonakaliso, futhi asiyikunikwa-sibonakaliso, kuphela isibonakaliso sikaJona.”

⁶⁷ Ngithi, ngingahle ngime lapha umzuzwana nje, ngaphambi kokuba ngehle. . . Sizozama ukunganigcini isikhathi eside kakhulu, ngikwenze ngokweqile izolo ebusuku. Bekuyinto ephawulekayo, ngishumayele intshumayelo kulokhu ukusa emizuzwini engamashumi amabili. Befundisi, lokho nje kuhle ngempela. Ngokuvamile kungithatha cishe amahora amathathu ukuqeda eyodwa. Kodwa abanye abantu bangashumayela futhi basho okuningi phakathi, mhlawumbe, emizuzwini eyishumi nanhlanu kunoma bengingakwenza emahoreni amathathu.

⁶⁸ Ngingu—ngingowaseningizimu, ngiyanensa, futhi nje angikwazi ukucabanga ngakho ngokushesha kakhulu, ngifanele ngilinde kuYe ukuba angitshela, bese-ke ngiyakusho. Ngakho, angizange ngiye kunoma yiziphi izikole noma amakholiji, ngakho ngifanele nje ngilinde kuYe, ngikusho nje lapho Ekusho, ngiMlandele nje. Kodwa ngineqiniso impela ukuthi ngikahle uma ngilinda kuYe. Vele uhlupheke isikhashana kanye nami.

⁶⁹ Ngakho manje-ke, sithola ukuthi izinsuku zikaJona . . . Manje, inqwaba yabantu ihlekisa ngoJona, ithi, “WayenguJona.” Ngani, uJona wayengesuye umfo omubi, uJona wayengumprofethi, futhi wayengenakuphuma entandweni kaNkulunkulu kanjalo, konke kwakungentando kaNkulunkulu.

Akazange athathe umkhumbi ongafanele, wathatha umkhumbi ofanele.

⁷⁰ Senake nawufunda umlando kaJona na? Kuyamangalisa! Niyazi, ngangihlala ngimdabukela phansi esiswini salowomkhomo, wayenezandla zakhe ziboshiwe, nezinyawo zakhe ziboshiwe, futhi esolwandle olunesiphepho, futhi waphoswa ngaphandle, nomkhomo wamgwinya. Futhi lapho umkhomo...Inhlanzi iyadla, khona-ke lapho iqeda ukudla, yehlela phansi kwiphansi futhi iziphumulele kwiphansi. Phakela izinhlanzi zakho ezincane ezisagolide futhi uzibhekisise, zizokwehla, zibeke izigwedli zazo ezincane kwiphansi, emva kokuba sezigwalise isisu, futhi—futhi—futhi ziphumule isikhashana.

⁷¹ Awu, lomkhomo wawugcwele lomprofethi, futhi wehlela phansi ekugcineni kolwandle. Futhi wayelele lapho nezandla zakhe ziboshiwe, izinyawo zakhe ziboshiwe, nasebuhlanzweni bomkhomo, esiswini sawo, mhlawumbe amafatome angamashumi amabili ukujula, futhi ukujula kolwandle, nolwandle olunesiphepho ngaphezulu, futhi elele lapho, yonke indawo ayebuka kuyo kwakuyisisu somkhomo, wabuka phambili, kwakuyisisu somkhomo, emuva kwakuyisisu somkhomo, ndawo zonke nxazonke. Ukhuluma ngezimpawu? Wayenazo, udaba olubi.

⁷² Kodwa niyazi ukuthi ngithandani ngoJona na? Wala ukubona noma yini yakho, wathi, “Ngiyakuphinda futhi ngibheke ngasethempelini laKho elingcwele. Lezizinto ziyeye lamanga. Ngibuka ngasethempelini laKho elingcwele, ngoba ngenkathi uSolomoni enikela ithempeli wakhuleka, wayesethi, “Uma abantu baKho beba senkathazweni noma ngasiphi isikhathi, futhi babheke ngakulendawo engcwele, khona-ke yizwa useZulwini.” Futhi, niyazi, phansi kulesosisu somkhomo uJona wayesakhumbula ukuthi lowomkhuleko wawenele, wayesethi, “Ngiyakuphinda ngibheke ngasethempelini laKho elingcwele.” Futhi uNkulunkulu wenza lowomkhomo umyise khona impela nje lapho uNkulunkulu ayemfuna aye khona.

⁷³ Futhi uma uJona ngaphansi kwalezozimo, akukho-muntu lapha omubi kangako, impela akekho, ngaphansi kwalezozimo wayengabuka ngasethempelini elakhiwa ngezandla zabantu, nomkhuleko womuntu owayengofayo, kamuva wahlubuka, futhi wayengakholwa ukuthi uNkulunkulu wawuzwa umkhuleko wakhe, noNkulunkulu wawuphendula ngangokuthi ukuba amkhulule ngaphansi kwesimo esinjalo, besifanele kakhulu kangakanani thina, kulobubusuku, ukuqhelisa amehlo ethu ezimpawini zethu aye esihlalweni sobukhosi sikaNkulunkulu, lapho uJesu ehlezi khona nezingubo zaKhe uQobo ezinegazi, neNdodana yoBukhosi obukhulu kweliPhezulu ukwenza ukunxusela na?

74 Yala ukubuka ukugula kwakho. Yala ukubona noma yini ephambene ne. . . Yiba njengo-Abrahama wasendulo. Ngenkathi eneminyaka engamashumi ayisikhombisa nanhlanu ubudala, uSara wayenamashumi ayisithupha-nanhlanu, noNkulunkulu wamtshela ukuthi wayezoba nengane ngoSara, wakukholwa. Iminyaka engamashumi amabili-nanhlanu akuzange kumguqule nakancane, “Akangabazanga ngesithembiso sikaNkulunkulu ngokungakholwa.”

75 Sengiyamuzwa ethi emva kwezinsuku ezingamashumi amathathu zokuqala. . . Wayehlale naye kusukela esengumntwana, noma, owesifazane osemusha, wayengudadewabo ingxenye, futhi owesifazane wayengazali, kanjalo naye owesilisa. Futhi wathi. . . Futhi wayesedlule eminyakeni yokuzala, esedlule eminyakeni yokunqamuka ukuya esikhathini, wayeneminyaka engamashumi ayisithupha nanhlanu ubudala, yena wayenamashumi ayisikhombisa-nanhlanu. Futhi sengiyacabanga emva cishe kwezinsuku *eziningi kangako* wathi, “Uzizwa unjani, S’thandwa na?”

“Akukho kwehluka.”

76 “Akabongwe uNkulunkulu, sizoba nayo, noma kanjani. Qhubekela ezansi nedolobha, uzithengele isigejane samancanyana, amabhuzu aphinki, nengubo emagqabhagqabha, nophini. Lungela, sizoba nayo, noma kanjani.” Kungani babecabanga ukuthi wayehlanya!

77 Futhi bazocabanga ukuthi wena uyahlanya, inqobo nje uma uthatha uNkulunkulu eZwini laKhe, futhi uphike noma yini ephambene naLo.

78 Wayazi ukuthi uNkulunkulu wayekwazi ukugcina lokho Ayekwenzile, futhi sifanele ukuba ngabantwana baka-Abrahama. Singabantwana baka-Abrahama uma sinokukholwa kuka-Abrahama. Konke okunye ngaphandle kweZwi likaNkulunkulu kungamanga.

79 Bukani ukuthi uNkulunkulu wathini, sibuka kokungabonwayo, wena ubuka lokho amehlo akho afayo angakuboni. Awuboni ngamehlo akho, empeleni. Ubuka kuphela ngamehlo akho, ubona ngenhliziyo yakho. Ukubuka ngqo, uthi, “Angikuboni,” uqonde ukuthi awukuqondi. *Ukubona* kwakho kungukuqonda kwakho, ngakho uqonda ngenhliziyo yakho.

80 Manje, uJona, kuso sonke lesosimo, uNkulunkulu wawuhlonipha umkhuleko wakhe. Yinye into ngakho, umntwana weqiniso kaNkulunkulu, ungeke wamfihla emkhulekweni. Bazama ukuWushisa kuJohane, futhi bambeka esiQhingini sasePatmose emva kokuba sebembilise kugrisi amahora angamashumi amabili nane, ubungeke uWubilise uphume kuye; bazama ukuWethusa ngamabhubesi athile, kuDanilyeli, akakwazanga nje ukukwenza; bazama ukuWushisa ngomlilo ngabantwana bamaHeberu, abakwazanga nje

ukukwenza. Awu, ungeke washisa uMoya oNgwele uphume, UnguMlilo qobo lwawo, uMlilo ulwa nomlilo. Futhi lapho umuntu ngempela egcwaliswe ngoMoya kaNkulunkulu, uMoya oNgwele, ungeke waWushisa uphume, uWesabise uphume, uWuxoshe, Ulapo ukuba uhlale.

⁸¹ Manje qaphelani, manje, sasihlala njalo sicabanga ukuthi uJona waphuma entandweni kaNkulunkulu, akazange. INineve yayiwumuzi omkhulu, igcwele isono, ihlubukile, icishe njenge, icishe ibe ngusayizi weSt. Louis, idolobha elikhulu, izinkulungwane eziningi zabantu lapho abaphambukela esonweni, babekade beyokhonza izithombe. Futhi manje, isithixo sabo esikhulu, unkulunkulu wabo omkhulu wolwandle, umsebenzi wabo kwakungukudoba, nonkulunkulu omkhulu wolwandle kwakungumkhomo, futhi ngenkathi lo mkhomo ungena ugijima phakathi kwabadobi, wakhipha ulimi lwawo wenzela isikhwelo, nomprofethi waphuma ngqo emlonyeni womkhomo, impela, bazokukholwa, uNkulunkulu wakhulula umprofethi waKhe waphumela kubo ngqo. UNkulunkulu uyazi ukuthi zenziwa kanjani izinto. Kungahle kuzwakale kungubuwula, kodwa yilokho Akwenza.

⁸² Manje qaphelani, izindlela ezinde ngokuzungeza ukufinyelela ephuzwini, kodwa qaphelani, uJesu wathi, bambani lokhu manje, nakhu kufika, inhliziyo yakho mayivuleke, uJesu wathi, “Isizukulwane esibi nesiphingayo sifuna isibonakaliso.” Manje, Wayengakhulumi nabo ngoba Wayengakafi nokho, kodwa wathi bayonikwa isibonakaliso. Isibonakaliso: “Njengoba uJona wayesiswini somkhomo izinsuku ezintathu nobusuku, kanjalo neNdodana yomuntu imelwe ukuba senhliziyweni yomhlaba izinsuku ezintathu nobusuku.” Kungenjalo, hlobo luni lwesibonakaliso isizukulwane esibi nesiphingayo ebesingasithola, abanike sona na?

⁸³ Manje, ungakhuluma ngazo zonke izibonakaliso ofuna ukuzikhuluma, nasi isibonakaliso ukuthi Asisho, ukuthi isizukulwane esibi nesiphingayo...Futhi lokhu yikho! AbaseSodoma basabalalisa umhlaba, ukungabaza, ukungakholwa, izimfundiso ezigqamileyo, zonke izinhlobo zezinto zisabalalisa umhlaba, yisizukulwane esibi nesiphingayo. Kodwa Wathi bayokwemukela isibonakaliso sokuvuka. Haleluya! Ini? UJesu Kristu ephila phakathi kwethu, ehamba phakathi kwethu, Akafile, “Imisebenzi engiyenzayo Mina nani niyakuyenza. Kuseyisikhashana nezwe lingabe lisaNgibona, nokho niyakuNgibona nina, ngokuba Ngiyakuba nani,” U *Ngi* yisabizwana somuntu, “Ngizoba nani,” hhayi omunye umuntu, “kodwa Ngizo, Ngizoba na...”

Ubani na?

Amakholwa. “Izwe aliyikuNgibona, kodwa nina niyakuNgibona, ngokuba Ngiyoba nani.”

Kanjani na?

“Kini.”

Kude kangakanani na? Kuze kube isizukulwane sabaphostoli na?

“Kuze kube sekupheleni kwezwe. uJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade.” Ukuphela kokuphelelisa.

⁸⁴ Umprofethi omkhulu u-Eliya ukuba abonakale enkundleni, ozonda abesifazane, indoda yasehlane noMlayezo wokuguqula izinhliziyu zabantwana zibuyele kobaba. Khumbulani, Wayenenhlanganisela ezayo. Khumbulani kuMalaki 4 (UMalaki 3 wakhuluma ngoJohane umBhaphathizi eza, njengoba uJesu wabhekisela kuye, “Washoloni umprofethi ukuthi, ‘Isithunywa saMi na?’”) kodwa khumbulani, uMalaki, ozayo uMalaki 4, bhekisisani ivesi lokugcina lakho, siyazi ukuthi kwakungesuye uJohane, ngoba Wathi Uyoshisa umhlaba ngokushisa, nabalungileyo bayohamba phezu kwemilotha yababi. Ngakho akuzange kwenzeke ngenkathi uJohane efika, kodwa ukuthi u-Eliya uyaprofethwa futhi namhlanje.

⁸⁵ Qaphelani, u-Eliya wokuqala wayezophendulela izinhliziyu zawoyise kubantwana, ibandla loMthetho elidala eMlayezweni omusha laliqhubeka ayewunikeza, nalowo *futhi* uyisihlanganiso ukubophela ivesi ndawonye, “izinhliziyu zabantwana zibuyele koyise.” Bese kuthi-ke uMlayezo kaJohane ngezinsuku zokugcina, noma, uMlayezo ka-Eliya, umoya uzoba seBandleni, uzoba, athathe izinhliziyu zabantu owile kobaba bePentecostal, futhi aphenndulele izinhliziyu zabo zibuyele eMlayezweni wasekuqaleni wePhentekoste futhi, lapho Waqala, isithunywa sesivumelwano, inkanyezi yesikhombisa yosuku, siphila kulolosuku.

⁸⁶ Qaphelani lesisizukulwane, isizukulwane esibi nesiphingayo, siyofuna isibonakaliso, futhi bazosithola. Nhloboni yesibonakaliso na? Isibonakaliso sokuvuka, Akafile, kodwa Uyaphila. Inkolo yethu ayisiwo umlando, iyiqiniso eliphilayo, inguNkulunkulu ophilayo, iyisehlakalo esiphilayo. “Njengoba kwenzeka emihleni kaJona.”

⁸⁷ Manje, Uhambe ngapho, Unikeza esinye isisho, Wathi, “Futhi njengoba kwenzeka emihleni kaSolomoni.” Emuva ezinsukwini zikaSolomoni. . .Lapho uNkulunkulu ethumela isipho emhlabeni, uma abantu besemukela, kuba unyaka wegolide kubo, uma besenqaba, kuba yinxushunxushu kubo. Bukani ukuthi kwenzekani ngenkathi uJesu wayenguMlayezo kaNkulunkulu kubantu, futhi bawenqaba, bukani ukuthi kwenzekani kubantu abaWenqaba.

⁸⁸ Ngezinsuku zikaSolomoni, uSolomoni wayeyi... ukubusa kukaSolomoni, noma yimuphi umfundisi uyazi ukuthi lowo kwakungunyaka wegolide ku-Israyeli, unyaka omkhulu kunayo yonke. Bakha ithempeli, babengenazimpi ezingafinyelela kunoma yini, futhi babenamandla kaNkulunkulu phakathi kwabo. O, lesosiphiwo sasisikhulu kakhulu, ngangokuthi zonke izizwe ezizungezile ziyabesaba.

⁸⁹ Lalela, mfowethu, esikudingayo namhlanje, asidingi imipheme ye-atomu, esikudingayo ngumbhaphathizo kaMoya oNgcwele. Izizwe ziyokwesaba, uma yonke le-United States ezisho ukuthi ingumKristu izowela ngaphansi kwamandla kaNkulunkulu, kuzoba nezinto eziningi kakhulu ezenzeka lapha kuze kuthi zonke izizwe zizokwesaba ukudedela ibhomu le-atomu. Kunjalo. UyisiPhephelo sethu, UngaMandla ethu okuqina, isiHawu lethu, isiHlangu sethu, Konke okwethu kukho konke.

⁹⁰ Manje, siyaqaphela-ke ukuthi Wathi, “Njengoba kwenzeka emihleni kaSolomoni, iNdlovukazi yaseNingizimu ivela emikhawulweni yomhlaba izakuzwa ukuhlakanipha kukaSolomoni.” Manje, ngezinsuku zikaSolomoni bonke abantu babenhliziyonye, bonke bangena futhi babuthana ngasesiphiweni. USolomoni wayenesiphiwo. Benikwazi lokho na? USolomoni wayenesiphiwo sokubona okufihlakele, futhi wayene... wayekwazi ukwehlukana izinto, wakukhombisa ukuthi kuvela kuNkulunkulu.

⁹¹ Awu, zonke izizwe ziyafika, futhi zingene ethempelini, futhi zizwe lendoda enkulu, uSolomoni, bhekisisani ukuhlakanipha kwakhe, futhi bazi ukuthi wayengumuntu nje, bazi ukuthi lokho kwakufanele kuvele kuNkulunkulu. Futhi, o, ukuthi wonke umuntu wakhuluma kanjani ngakho! Wonke umIsrayeli wayengakhapha isifuba sakhe, athi, “Asimkhonzi uNkulunkulu ofile, sikhonza Lowo ophilayo. Singakufakazisa kini, yehlelani emhlanganweni kulobubusuku, nithole ukuthi ngabe kuqinisile noma qha.” Amen. Ngiyakuthanda lokho. Uyazi lapho omi khona khona-ke.

⁹² “Yehla, futhi ubone ukuthi kulungile noma qha. Woza ungene ezweni lakithi ngapha, ubone ukuthi uNkulunkulu ophilayo angangena yini kumuntu futhi amenze umuntu onamandla amakhulu, cisha impela.” Amen. Yilokho Akwenzayo ngawo wonke umKristu ozelwe ngokusha, indoda enamandla amakhulu, owesifazane onamandla amakhulu, umntwana onamandla amakhulu, ufulathela isono nezinto zezwe, futhi uhamba ngokuthula noNkulunkulu. Isibonakaliso esikhulu, Wathi Uyonikeza isibonakaliso esikhulu.

⁹³ Manje qaphelani, bonke abantu babuthana ngakukho. Bekungeke yini kumangalise kulobubusuku uma yonke iMelika, sonke thina baseMelika besiyoyikhohlwa imehluko

yethu yobuhlelo, futhi sonke besiyobuthana ngaseSiphiweni uNkulunkulu asinika sona, uMoya oNgcwele na? Lonke ibandla nawo wonke umuntu ubeyobuthana ngakulokho, ngani, i na- . . . bekuyoba ngundaba-mlonyeni emhlabeni, ndawo zonke. Kodwa o, qhabo, “Uma kuyihlelo lethu, kulungile, kodwa uma ihlelo lethu, alinathi, qhabo, akukho lutho kukho.” Niyabo? O, okwenyama kanjani! Akumangalisi uNkulunkulu engenakusenzela lutho. Lapho lezozimo, awunalutho ongakhela kulo.

⁹⁴ Qaphelani, Akasoze akhela phezu kwezinhlangano zethu, kukhipheni nje lokho emqondweni wenu. Uyokwakha phezu kukaKristu Jesu nomuntu ngamunye ozofika futhi aMemukele ophuma kunoma iyiphi inhlangano, eqinisile, inhliziyi eqotho.

⁹⁵ Futhi eyodwa inhle nje njengenyela lapho sekufika kulokho, ngoba konke kuyinhlangano, okungukuthi kulungile, lokho kulunge ngokuphelele. Kodwa noma nini lapho ubeka . . .

⁹⁶ Omunye wangitshela esikhathini esingeside esedlule, wathi, “Mfowethu Branham, uyazi ukuthi kwenzekeni na? Lenhlangano enkulu obukhuluma ngayo, wathi ibilokhu ikuxhasile,” wathi, “uyazi ukuthi benzani na? Bakuxoshile, ngeke besazihlanganisa ngalutho nawe.” Wathi, “Babethela isikhonkwane sabo, base bethi, ‘Akusekho muntu owemukela uMfowethu Branham, nanini.’”

⁹⁷ Ngathi, “Awu, ngashayela esami phansi, nami, futhi ngaphuma ngadlula ngakubo, ngase ngibangenisa.” Yithina sonke, hhayi mina, kunjalo. Ngiyabangenisa, ngoba inqwaba yabantwana bakaNkulunkulu uphakathi lapho, futhi kunjalo. Umlayezo ungowabantwana bakaNkulunkulu, hhayi kunoma iyiphi inhlangano ethize, kodwa kubantwana bakaNkulunkulu. Bangikhiphela ngaphandle, ngizobangenisa ngokwandisa okwami kakhudlwana, futhi nje ngikungenise. Yilokho kuphela.

⁹⁸ Ngakho sifanele sithandane, sigcine izimpande zokubaba ziphume kithi, khona-ke uNkulunkulu angahamba ayosebenza ngathi, kodwa size sithole lokho, khona-ke si—si—silwa nomoya nje. Qiniso. Sifanele sithandane. UJesu wathi, “Ngalokho bonke abantu bayokwazi ukuthi ningabafundi baMi.” Okulungile noma okungalungile, thanda noma kanjani.

⁹⁹ Manje, siyathola-ke, ukuthi—ukuthi ezinsukwini zikaSolomoni wonke umuntu wayenhliziyonye. Futhi wonke umuntu edlula, babengenawo amathelevishini ngaleyonkathi, ayibongwe iNkosi, kodwa babene—kodwa babene, bona, indlela kuphela ababengathatha ngayo izwi kwakungomlomo nomlomo. Futhi wonke umuntu odlulayo wayengena futhi abone lemihlangano emikhulu, futhi ehle, atshele izwe lakubo.

¹⁰⁰ Futhi niyazi, uJesu wathi, “INdlovukazi yaseNingizimu,” eyayingeyaseSheba, “yavela emikhawulweni yomhlaba.” Leyo kwakuyimikhawulo yomhlaba owaziwayo ngalesosikhathi.

Manje, uma nizoqaphela, yibanga elide ezansi lapho ngaphesheya kweSahara.

¹⁰¹ Manje, abantu beza futhi behamba, udwendwe lodwendwe lamakameli, futhi ngendlela ababenayo yezokuthutha, abantu babengena, futhi emva kwesikhashana, udwendwe luhamba ludabula ezweni lakubo, leNdlovukazi encane ezansi lapho, mhlawumbe yayingumphikinkolo, umhedeni, futhi wonke umuntu uvela enhla ngasePalastine, babehlale bethi, “O, ufanele ubone ukuthi kwenzekani ePalastine. He! UNkulunkulu wabo unguNkulunkulu ophilayo. Ngani, Ugcobe oyedwa phezulu lapho, futhi baze ngisho bamenza inkosi. Futhi ukuhlakanipha kokubona okufihlakele na? Awukaze ukubone okunjalo. Bekungeke kwaba yisidalwa esingumuntu senza lokho. Sayibuka indoda, saxhawulana nayo, iyindoda, yayigqoka izingubo, iyindoda nje, kodwa uNkulunkulu uyikhethele, futhi i—yenza izinto okungaphezu komuntu, ngakho siyazi ukuthi kuzofanele kuvele kuNkulunkulu. Futhi inika yonke inkazimulo kuJehova, uNkulunkulu wabo. Ufanele uze, ukubone!”

¹⁰² O, niyazi, ukukholwa kuvela ngokuzwa, ukuzwa ngoNkulunkulu. Awu, inhliziyo yeNdlovukazi encane iqala ukuthi gqu, “Uyazi, ngingathanda ukubona lokho. Ngi—ngi—ngi. . .” Niyazi, uzwa ubufakazi.

¹⁰³ Manje, ukuba-ke yayiphendule ubuso bayo obuncane, obupendiwe, yathi, “*Mm!* Uma kukhona okwenzekayo kanjalo, bekungehlela lapha ebandleni lami, bekungeke kube phezulu lapho?” Kulungile. Indaba yayingasoze yabhalwa, uJesu wayengeke neze abhekisele kuyo, yayiyoba nguJezibele wesimodeni.

¹⁰⁴ Futhi ngakho, khona-ke sithola ukuthi inenekazi elincane laqala ukulamba nokoma. Ukukholwa kwase kubambelele, futhi liqala ukomela uNkulunkulu. NoJesu wathi, “Babusisiwe abalamba futhi bome.” Ngisho nokoma nje, wena ubusisiwe ukuba wome nje, noma ngabe uthola noma yini noma qha, ukoma nje.

Wena uthi, “Awu, angikaze ngithole lutho.”

¹⁰⁵ Nibusisiwe, noma kanjani, niyakomela, noma kanjani. “Babusisiwe abalamba futhi bomele ukulunga,” kodwa Akazange akushiye umile kanjalo, Wathi, “ngokuba bayakusuthiswa.” Lokho nje kungenza kahle kakhulu. “Bayakugwaliswa.”

¹⁰⁶ Lapho utwa luhamba luyobiza utwa, kuzofanele kubekhona utwa lokusabela kulolobizo. Ngaphambi kokuba kubekhona okudaliweyo, kuzofanele kube noMdali ukudala lokho okudaliweyo, yilokho kuphela okukhona kukho. Ukulambela nokomela uNkulunkulu!

¹⁰⁷ Khona-ke sithola iNdlovukazi encane iphazamisekile kakhulu. Manje, ngokuvamile kwenzekani na? Manje,

yayinawonkulunkulu, yayinebandla, nomelusi, futhi mhlawumbe wayengumpristi ongumhedeni, ndawondawo, kodwa manje into yangempela okufanele yenziwe kwakungukuhamba, yathatha umcabango wokuthi yayifuna ukuhamba ibone ukuthi kwakuyiqiniso yini. Ngiyakuthanda lokho. Ngiyakwazisa lokho eNdlovukazini, ayibusiswe inhliziyi yayo encane, ngizoyibona ovukweni. Futhi ya—yayifuna ukuthola ukuthi ngabe kwakuyiqiniso noma qha.

¹⁰⁸ Manje, yayinelikhulu ikhono lokuqonda kunabantu abaningi ngalapha, nezinye izingxenyane zezwe zikwenza, bezwa ngento enjalo, “Awu, umbhedo!” Niyabo? Kodwa yayifuna ukuthola, ngakho yathi, “Ngikholwa ukuthi ngizokwenyuka.” Manje, ukuze yenyuke, yathi, “Into elandelayo okufanele ngiyenze, ngifanele ngithole imvume ebandleni lami,” njengokuthi, ngokwejwayelekile, ilunga lebandla elihle lenza.

¹⁰⁹ Ngakho behlela kumpristi wayo ongumhedeni, yayisithi, “Mnumzane, fata ongcwele,” noma ngabe yayimbiza ngani, futhi, “Ngiyakutshela ukuthi ngizwa izindaba ukuthi kukhona imvuselelo eqhubekayo ePalastine.”

“O, ngiwuzwile lowombhedo kusukela ngiseyinganyana.” Niyabo?

¹¹⁰ Niyazi, udeveli uthatha umuntu wakhe, kodwa neze umoya, u—uyaqhubeka usaphila. UNkulunkulu uthatha owaKhe, kodwa neze uMoya, futhi, akabongwe uNkulunkulu ngalokho. Imimoya iyalwa iqhubeke ngqo idabule ematabernakele enyama kuze kube sesikhathini sokuphela.

¹¹¹ “O, ngiyizwile leyo—leyonto, awukukholwa lokho. Manje ake ngikutshela okuthize, ndodakazi yami, ufanele ukhumbule, unesithunzi esikhulu, uyi—uyilunga lomkhandlu lebandla lethu lapha. Umama wakho wayengowalelibandla, ugoro wakho wayengowalo, sonke siza lapha, ngani, ukhokho kakhokho wakho uza lapha, futhi ubungeke ubanjwe nesigejane sokungcwele- . . .” noma, niyazi, “abantu abanjalo. Ubungeke ukhuphukele lapho entweni injengaleyo, bekungaba yihlazo kuwe ukuba ubanjwe esixukwini esinjalo.”

¹¹² Kodwa, niyazi, lapho uNkulunkulu eyosebenzana nenhliziyi yomuntu, akunandaba ukuthi bakhulu kangakanani, Ubenza babone ukuthi bangaba bancane kangakanani, niyabo. Wathi, “Kodwa, mnumzane, uyazi ngi . . . *Kunento ethize* kimi ukuthi ngi—ngifuna ukuyokubona.”

¹¹³ “Awu, ngeke ngakunika imvume! Ngizolenza liqine, ngiyazi ukuthi uyiNdlovukazi, kodwa ngingumpristi. Futhi uyoletsa ihlazo phezu kukababa wakho, nomama, naphezu kwalelithempeli elingcwele, uma ubungabanjwa neqembu elinjengalelo. Awu, bukani ukuthi bayini, ngani, bangamambuka, akukho lutho kubo. Awufanele wenyuke futhi uzilulaze ngaseqenjini elinjengalelo. Ukuba bekukhona into

okuthiwa uNkulunkulu ophilayo, bukani onkulunkulu esinabo lapha!”

114 Yileyo inkathazo namhlanje, unonkulunkulu abaningi kakhulu.

115 Ngakho bathi...Wathi, “Kodwa buka, ake ngikutshele okuthize, ngi...Ugogo wami waya lapha, wathi, umkhulu wami waya lapha, nomama wami waya lapha, futhi ngiye lapha, futhi ngizizwile zonke izivumokholo zenu yonke impilo yami, bakuzwa yonke impilo yabo, futhi asikaze sibone nokukodwa ukuvungama, noma yini, kubo, bafile. Kodwa bangitshela ukuthi kukhona Oyedwa ohlala phezulu lapho, yiLowo engifuna ukumthola.

116 “Uma isivumokholo sakho siqinisile,” angahle ukuba wathi, “kungani singaboni okuthile ngonkulunkulu wakho okhuluma ngaye na? Uthe wayekhona, noma wafa na? Kwenzekani kuye na? Asikaze sibone, uGogo akakaze akubone, nomama wakhe akakaze akubone, nomama wakhe akakaze akubone. WayenguNkulunkulu nini na?” Ngiyakuthanda lokho. Kwenze kube yikho ngempela. “Wayenini na?”

117 Ngani, owesifazane angahle, noma, owesilisa angahle ukuba washo lokhu: “Manje, ndodakazi yami, uzochezukela e...ephethelweni elingalungile, lapha, ekugcineni okujulile, uzohamba ungene ebuhlanyeni.”

118 Kodwa wathi, “Mnumzane, ngifuna wazi lokhu: Angikhathali ukuthi intengo iyini, nokuthi wena uthini, ngiyahamba mina, noma kanjani.” Ngiyakuthanda lokho. Akumangalisi uJesu athi iyosilahla lesisizukulwane ekuvukeni. “Ngiyahamba mina, noma kanjani.”

“Sizokuxosha ebandleni! Ungabuyeli lapha qhabo...”

“Uma kulungile, ungakhathazeki, ngeke ngibuye, noma kanjani. Ngeke ngibuyele emuva, o, qhabo, qhabo! Ngizothola ukuthi ngabe kuqinisile yini kuqala.”

119 Sengiyambona manje, usecabangisisile. Manje, wayenenqwaba yezinto ukumvimbela. Noma yimuphi umuntu oza kuKristu, ungakhathazeki, udeveli uzokunika inqwaba yokukuvimba, akafuni ukuba ufike lapho, uzodlula kwezinye izithiyo ukuze ufike lapho.

120 Into yokuqala niyazi, ngani, sengathi ngiyabona wabuyela emuva wenyuka edabula esigodlweni, wahlala phansi, wakufundisisa. Sengiyamuzwa ethi, “Manje, ngifunde yonke imiBhalo egoqwayo engingayithola kulowoNkulunkulu wabo wasendulo emuva lapho, ukuthi, uNkulunkulu ka-Israyeli, uJehova abakhuluma ngaye, nginemiBhalo egoqwayo lapha emtapweni wezincwadi wethu, nompristi waWusebenzisa ukuMgxeka. Kodwa uma lowoJehova enza lokho kumuntu, lokho kusho ukuthi uJehova unguMoya ophilayo okumuntu

ophilayo, Ukhathalele isidalwa esiphilayo, Akasiso isithixo esithize, noma isithombe esiqoshiwe semabula, UnguMuntu ophilayo. Ngakho khona-ke sizohamba...Ngizokwenyuka ngiyombona.”

¹²¹ Manje, usho lokhu: “Manje, into yokuqala engizoyenza, ngiyenyuka, kuqala, ukudonsa umbono ongowami ngakho. Angizukuthatha izwi lomunye umuntu, ngokuba bayagxeka, omunye esho *lokhu*, nomunye esho *lokho*. Manje, angihambe futhi ngizitholele mina.” Ngiyakuthanda lokho. Ngiyakuthanda lokho.

¹²² “Ake ngihambe futhi ngizibonele ukuthi kulungile noma qha, ake ngikubhekisise. Ngizo—ngizokuqhathanisa nalemiBhalo egoqwayo engiyifundayo. Uma uMoya okuleyondoda uqhathaniseka nemiBhalo egoqwayo lapha, ngizothi uJehova unayo khona-ke, futhi UnguNkulunkulu wangempela. Kodwa uma nje, uJehova usho into eyodwa futhi ingafezeki, nalezizinto azilungile, khona-ke azingaphezu kwezithixo zethu lapha. Ngakho-ke ngizokwenyuka futhi ngizitholele mina.”

¹²³ “Manje,” wathi, “awume kancane, kade ngingumkhokhi omkhulu wokweshumi ezansi lapha, ngakho,” manje, angibavimbi abefundisi, nokunye nokunye, kodwa wathi, “uma kunjalo—uma kunjalo, ngizokwesekela. Ngizothatha igolide elithile, namakha, nesiliva. Uma kulungile, kufanele ukwesekwa, uma kungalungile, khona-ke ngizobuya nemali yami.”

¹²⁴ Ubefanele eze futhi ashumayele kwabaseMelika ngezinye izikhathi, wesekela izinto ezikuhlekayo futhi zikubize ngomgingqiki ongcewele, futhi nokho uyakweseka. Kunjalo. Kodwa nakho lapho okhona.

¹²⁵ Wathi, “Ngizozitholele mina, futhi uma kulungile, kufanele konke engingakwenza ukukwesekela.”

¹²⁶ Futhi lelo yiqiniso, kufanelekile...hhayi ngaphezulu... hhayi amaphesenti ayishumi emali yakho, kufanele impilo yakho yonke, kufanele zonke izinto zezwe kuwe, uma kulungile, yileloParele lenani elikhulu.

¹²⁷ Uma uNkulunkulu esaphila, uma uJesu Kristu eyiNdodana kaNkulunkulu ephilayo namhlanje, futhi ephila kulobubusuku, Unguye izolo, namuhla, naphakade, khona-ke kusifanele sonke nesi-nci isikhathi sethu, ithalente lethu, yonke into yethu, sifanele sithengise yonke into, sivalelise kuyo yonke into, futhi sikhonze khona. Uma kungenjalo, awu, asihambe nje sijoyine okuthize, futhi siqhubeke, sihlangani nesixuku esikahle, futhi siphile impilo ehloniphekile futhi siqhubeke, kodwa uma kulungile, asi—asihambisane nakho. Ngakho yilokho akucabangayo.

¹²⁸ Ngakho walayisha amakameli ngegolide nenhlaka, khonake umcabango uyafika, niyazi, abantwana baka-Ishmayeli wayesogwadule ngalezozinsuku, futhi babengabaphangi, futhi babengamadoda ahamba ngoxhaxha lwezingqola ngempela, futhi, abagibeli abahamba ngoxhaxha lwezingqola ngempela, ababulali, phandle lapho ogwadule. Futhi waye—wayenezindlela ezinde okufanele azihambe. Manje, waqala ukuhamba nezintombi zakhe ezincane nabathenwa bakhe, idlanzana labo ukunqamula ugwadule lwaseSahara.

¹²⁹ Manje, mfowethu, nginezinhlonipho ngalowo wesifazane. Akazange... Niyazi, kukhona okuthize ngakho, uma wena, uNkulunkulu ukhuluma ngempela enhliziyweni yakho, awukunaki ukwesaba. Uma—uma uNkulunkulu ekhulume enhliziyweni yakho futhi wakutshela ukuthi Uzokuphulukisa kulobubusuku, awunandaba ukuthi udokotela uthi yini engalungile kuwe, kuvele nje kuthathe—kuvele kukhiphe konke ukwesaba kukho, ngandlela-thize. Wayengenandaba, wayenyuka ukuyobona ukuthi kwakulungile noma qha.

¹³⁰ Ngakho waqala ukunqamula uGwadule iSahara. Manje, bukani ukuthi lowo wesifazane omncane... Mhlawumbe wayedingeka ahambe ebusuku. Leyomisebe eqondile yoGwadule iSahara! Futhi khumbulani, yena, kumthatha... Niyazi ukuthi kuthatha isikhathi esingakanani ukunqamula lapho ngamakameli na? Izinsuku ezingamashumi ayisishiyagalolunye, izinyanga ezintathu. Wanqamula lologwadule, engekho emotweni iCadillac enesishayisamoya, elinye ikalishi elinesishayisamoya, njengabanye abantu abakhe lapha ngakule-United States, bebengeke baye ngaphesheya komgwaqo ukuyokubona, kodwa wanqamula ugwadule, izinsuku ezingamashumi ayisishiyagalolunye egibele ikameli, enengozi yayo yonke into eyayikhona, engabheki lutho, kodwa inhliziyi yakhe encane yayishaya ukuthola ukuthi ngabe Lowo kwakunguNkulunkulu ophilayo ngempela noma qha, empeleni. Wacabanga ngakho.

¹³¹ Akumangalisi iyovuka esizukulwaneni, kulesisizukulwane futhi isilahle. Yavela emikhawulweni yomhlaba, izwe, ngaphansi kwezimo eziphakeme kakhulu ezimelene nayo, ukuba ize futhi ithole ukuthi ngabe kwakuyiqiniso noma qha.

¹³² Ezinsukwini zamanje, esikhundleni sokufikela ukuthola, bazongena esontweni, mhlawumbe bahlale phansi, “Ngizohlala umzuzu nje.” Abanye bomakhelwane olungile babacela ukuba beze. “Ngizohlala, uma engazisho izinto engizithandayo, ngizosukuma ngqo bese ngiphuma.”

¹³³ O, wena mzenzisi olusizi! O, yebo. Angiqondile ukunilimaza, kodwa ngi—ngi—ngi... kungcono ukukubashula kancane kunokuba ushe. Ngakho lokho ku—lokho ku—lokho yiqiniso. Angiqondile ukunilimaza, angiqondile ukwenza lokho,

nginithanda kakhulu, kodwa ngizama nje ukwenza iphuzu kini. Niyabo? O, he! Kulusizi kakhulu ukuphila kanjalo, ngingakuzonda ukuphila kanjalo.

¹³⁴ Kwase kuthi-ke, nango eza, futhi manje, ngaphesheya kogwadule, wayenakho konke lobo bunzima. Futhi wayebe nezinsuku ezingamashumi ayisishiyagalolunye ukuba ahambe, mhlawumbe ahambe ebusuku, ngoba kushisa kakhulu wayengakwazi ukuhamba emini, nabo bonke labobaphangi, nayo yonke leyomali, nakho konke. Futhi into kuphela ayenzayo kwakuyimpokophelo eyodwa, lokho kwakungukuthola ukuthi ngabe wayekhona yini uNkulunkulu ophilayo noma qha, noma ngabe Lowo ngokweqiniso kwakunguNkulunkulu ophilayo noma qha.

¹³⁵ Kungani abantu bengeqotho kangako namhlanje na? Abatholi ngani na? LoJesu sonke esikhuluma ngaye, futhi sinezivumokholo ngaye, nazo zonke izinhlobo zezivumokholo, nezinto, ake si: “Ngabe Uyaphila na? Uphi na? Kwenzekani kuYe na? IBhayibheli lathi, ‘Nguyena izolo, namuhla, naphakade. Imisebenzi engiyenzayo Mina, nani niyakuyenza.’ Kukuphi na?”

¹³⁶ Lapho Efika emzini, ngani—ngani, abantu bayakuhleka, bahlekisa ngakho, amaphephandaba athumela umbiko ongcilile ngakho. O, mfowethu, akumangalisi kunebhomu elilenga emiphemweni ngaleya lethu! Kunjalo. Kodwa hhayi okweBandla, khumbulani, Liyobe selihambile, ngesikhashana, ngokuphazima kweso Liyoguqulwa futhi lihlwithwe.

¹³⁷ Ngaphesheya kogwadule yafika, ekugcineni, yafika esangweni lethempeli. Manje, ayizi neze ukuba nje ihlale phansi imizuzu embalwa, futhi ithi, “Ngizobona manje, ngiyangena, uma engakhulumi nje njengomelusi wami, ngizovele nje ngicoshe okwami bese ngibuyela emuva ngqo.” Niyabo? Qhabo, ifikela ukuzohlala ize yaneliseke, yayakhe ikamu futhi nje yahlala khona lapho emagekeni. Ngiyakuthanda lokho.

¹³⁸ “Ngizohlala nje kuze kube sekupheleni kwemvuselelo. Ngizohlala yonke imiBhalo, futhi ngibone ukuthi kulungile noma qha. Angizukuthatha nje umqondo wami wokuqala ngakho, ngizovele ngingene nje, ngithole. Ngiyazi ukuthi uJehova ufanele ukuba yini, ngiyazi ukuthi izithembiso zaKhe siyini, ngiyazi UnguMahluleli wemicabango yengqondo, ngiyazazi zonke lezizinto, iZwi likaNkulunkulu liphilile, libukhali, linamandla kakhulu kunanoma iyiphi inkemba esika nhlangothi zombili, lihlaba lize lahlukanise umnkantsha wethambo, noMahluleli.”

¹³⁹ IZwi, iZwi linguNkulunkulu. “Ekuqaleni wayekhona uLizwi. ULizwi waba yinyama, wakha phakathi kwethu.” WayenguNkulunkulu, neZwi, iZwi, uKristu, kuwe, uMahluleli wemicabango nezizindlo zenhliziyo. O, bandla elilele, vukani, befundisi, zinyakaziseni, ihora selifikile, balekelani

lemibhoshongo yaseBabele niye esiphambanweni, iyowa ngolunye lwalezizinsuku. “Sonke isithombo uBaba waMi waseZulwini angasitshalanga siyosishulwa. Kodwa phezu kwalelidwala Ngiyakulakha iBandla laMi, namasango ehayidese angeke aLizamazamise liwe.” Kunjalo. Ngijabula kakhulu.

¹⁴⁰ Isambulo sokomoya, iBandla lonke lakhelwe esambulweni, “Phezu kwalelidwala.” IProtestane lithi WaLakhela phezu kukaKristu, iKatolika lathi lakhelwa phezu kukaPetru, kokubili kuyiphutha, WaLakhela phezu kwesambulo sikaPetru sokuthi WayenguBani. Esikhulu, isambulo esisemqoka njalo singukuthi unguBani uJesu Kristu. INcwadi yeSambulo, eyisambulo sikaJesu Kristu, ivula ngayo impela leyonto, ukukhombisa ubuNkulunkulu obuphakeme bukaJesu Kristu. “NginguYe owayekhona, nokhona, nozayo, uMnimandla onke,” owokuqala kwazo zonke izambulo.

¹⁴¹ Yebo, isambulo, “Phezu kwalelidwala Ngiyakulakha iBandla laMi, Angikhathali ukuthi zingaki izinhlupheko, ukuthi mingaki imigqa abayidwebayo futhi banqume wena, Ngiyakulakha iBandla laMi, namasango ehayidese awasoze aLahlula.” Kunjalo. Kukhombisa ukuthi onke amasango esihogo abeyomelana naLo, kodwa ayengeke anqobe. “Ngiyakulakha iBandla laMi,” uMoya oNgcwele uhamba, usebenza, uKristu ovukile ehamba. Ubani ongaLimisa na? Kuzame. Awusoze wakwazi ukukwenza, kuyaqhubeka ngqo, futhi kuqhubeke, futhi kuqhubeke. Vusa bonke abagxeki obafunayo, kuzoqinisa kuphela iBandla njalo lapho ukwenza, lizoqhubeke.

¹⁴² Ngakho yehla, yathatha amakameli ayo, yabuyisela imali yayo emathuluzini amancane, sengiyacabanga, yakhempa phandle lapho. Ngakho, okokuqala ukwethamela umhlangano, yahamba ngakusasa ekuseni, sengathi ngiyabona babewakhalise onke amacilongo, izinsimbi zakhala, namahubo aculwa, futhi emva kwesikhashana uMelusi uSolomoni waphuma emsamo.

¹⁴³ O, babenenqwaba yabantu lapho, mhlawumbe inqwaba yamakhadi omkhuleko akhishwa ngalolosuku, ngakho konke engikwaziyo, babenendlela ethize. Empeleni, yathola isihlalo sayo, mhlampe, yayisihlala phansi kwingemuva lendlu yokukhonzela, akekho owayeyazi, igceke elikhulu ngalokho kusa. USolomoni uyaphuma, indoda ekahle kakhulu, wakhuluma kahle kakhulu kubantu. Emva kokuba base benomkhuleko nayo yonke into, uSolomoni wahlala phansi. Futhi ngenkathi benza... [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] O, he, bathola ukuthi uSolomoni wayenohlobo oluthile lwamandla ngaphakathi kuye ayengeke abe ngamandla omuntu, kwakungamandla kaNkulunkulu. Yakubuka, udaba olulandelayo, into efanayo, udaba olulandelayo, into efanayo, udaba olulandelayo, into efanayo, zonke azinakuphosisa.

¹⁴⁴ Ngi... Ayibusiwe inhliziyo yayo encane, iqala ukushaya,

yathi, “Manje, uma lokho kuqhubeka, ngizozitholela ikhadi lomkhuleko, nami.”

¹⁴⁵ Ngosuku olulandelayo yethamela, yayingajahi, ingaphuthumi, yayifuna ukukubhekisisa. Yaya ekhaya, mhlawumbe ubusuku bonke yafunda imiBhalo egoqwayo, “Yilokho impela nje uJehova ayikho, yilokho Ayikho.” Kulungile. Yabuyela emuva, “Angikaze ngikubone lokho ebandleni lami empilweni yami yonke. Konke lokhu kuyaxaka kimi.”

¹⁴⁶ Ibuyela emuva, ihlala phansi futhi, ngokusa okulandelayo, iyakubona kungena, udaba lokuqala, lwehlulelwa ngokuphelele, udaba lwesibili, lwehlulelwa ngokuphelele, udaba lwesithathu, lwehlulelwa ngokuphelele. He, inhliziyo yayo yashaya ngokushesha. Ekugcineni, yathola indlela yokungena emgqeni womkhuleko.

¹⁴⁷ Emva kwesikhashana yasukuma phambi kukaSolomoni. NeBhayibheli lasho ukuthi kwakungekho lutho olwalufihlakele kuSolomoni. Haleluya! Waphendula yonke imibuzo yayo, akukho okwakufihliwe. Uma kwakufihliwe kunoma ubani omunye, kwakungafihliwe kuye ngaleyonkathi, wayitshela impela nje imicabango yenhliziyo yayo. Akukho okwakufihlakele, kodwa waphendula konke kuyo, umoya wakhe wokubona okufihlakele wehlukanisa impela ukuthi zonke izinkathazo zayo yayiyini, nakho konke ngakho.

¹⁴⁸ Futhi yathini na? Yaphenduka, yayisithi, “Konke engikuzwile kuyiqiniso, nokuningi, kukhulu ngisho kunoma ngezwa ngakho.” Futhi yasho okungaphezu kwalokho, “Abusisiwe amadoda elapha kanye nani ukuba ibuke lowomsebenzi nsuku zonke. Babusisiwe abeza bahambe nani, futhi bahlale kulelibandla, ongowalapha kanye nani, ukubona lezizinto zenzeka nsuku zonke.”

¹⁴⁹ Futhi ngaphezu kwalokho, iba ngumKristu, yenza ukuvuma esidlangalaleni kukaNkulunkulu. Futhi uJesu Kristu emakhulwini eminyaka kamuva wathi, “Iyakuvuka ekwaHlulelweni kanye nalesizukulwane futhi isilahle, ngokuba yavela emikhawulweni yezwe izakuzwa ukuhlakanipha kukaSolomoni, futhi bhekani, kukhona lapha omkhulu kunoSolomoni.”

¹⁵⁰ Futhi ngiyasho kulobubusuku ukuthi lapha kukhona omkhulu kunoSolomoni! INkosi uJesu Kristu ilapha, omkhulu kunoSolomoni. Niyangizwa na? Omkhulu, Lowo aMethembisa, futhi wathi, “Lemisebenzi eNgiyenzayo, nani niyakuyenza.”

Kuyakuba ngukuKhanya ngesikhathi sokuhlwa.

Indlela eya eNkazimulweni impela niyoyifumana.

¹⁵¹ IziNkanyiso zakusihlwa ziyakhanya. Khumbula, mfowethu, ilanga liphuma empumalanga, lishona entshonalanga; ilanga elifanayo eliphuma empumalanga lishona entshonalanga, siyakwazi lokho. Ngokomumo womhlaba linqamula umhlaba, *kanjalo*. Manje, qaphelani ukuthi kwenzekani. Umprofethi wathi, “Kuyobakhona usuku olungayikubizwa ngemini noma ubusuku.” Kuyoba oluhwaqabele, olunemvula, usuku olunenkungu, ukuKhanya okwenele nje uze ubone ukuthi ulijoyina kanjani ibandla, bese ufaka igama lakho encwadini, bese ucela intethelelo kaKristu, kodwa ngesikhathi sokuhlwa kuyakuba ngukuKhanya.

¹⁵² Manje, khumbulani, impucuko ihambe kanye nelanga. Impucuko endala kunazo zonke yimpucuko yasempumalanga, iShayina iyimpucuko endala kunayo yonke esiyaziyo. Kulungile. Impucuko kanye ihambe nakho. Manje, sekuhambe kwaze kwaba lapha, sekuze kwahlangana uGu lwaseMpumalanga nolwaseNtshonalanga. SisoGwini lwaseNtshonalanga, uqhubekela phambili, sibuyela empumalanga futhi, sishiya iCalifornia, siqhubeke siyongena eJapani naseShayina, uyabuya futhi.

¹⁵³ Kuyini na? “Kuyakuba ngukuKhanya ngesikhathi sokuhlwa.” Sibe nosuku, iminyaka eyizinkulungwane ezimbili lapho sihlele khona, sajoyina amabandla, sakha izinto ezinkulu, imimbhoshongo emikhulu, lokho kuhle, kodwa uKristu akazange akugcobe lokho. Akazange athi yakha indlu yokukhonzela, noma ube ne—nesikole sesayense yezenkolo, Akazange azigcobe lezizinto, Wathi, “Nishumayele iVangeli.” Senze khona impela Athi akungenziwa. Kodwa, empeleni, kufanele kube ngaleyondlela. Kodwa ngesikhathi sokuhlwa kuyakuba ngukuKhanya.

¹⁵⁴ Manje, hlobo luni lokuKhanya oluyokunikeza na? Uma lokho bekungukuKhanya kweNdodana kokuqala okwakhanya kubantu basempumalanga, okungukuthi iN-d-o-d-a-n-a kaNkulunkulu, futhi Wenza izinto Azenza lapho ngalolosuku ku-Alfa, Wenza into efanayo ku-Omega. NjengoRubeni noJaspi; uBenjamini, futhi, noma—noma, uJas-... , noma, itshe laseSardesi, bobabili uBenjamini noRubeni, owokuqala nowokugcina. Manje, UluThingu lwenkosazana kuyo yonke iminyaka yebandla.

¹⁵⁵ Manje, sisesikhathini sokuhlwa, iziNkanyiso zakusihlwa sezifikile. Futhi, impela... Ngikusho lokhu, bonke ubuqotho, maKristu, ngisho lokhu, soni, ngabo bonke ubuqotho, a—angisuye umshumayeli, ngiyacabanga, ngi—ngisilele ngemfundo, kodwa uNkulunkulu wanginika enye indlela ebengingazuzela ngayo abantu kuNkulunkulu, niyabo, enye indlela ukuba, ningixolele ngokungazi kwami, ukunginika indlela yokukhulekela abantu abagulayo, umoya wokwahlukanisa. Manje, yilokho okwakusembuzweni ngale

eHouston ngenkathi Enesithombe saKhe sithathwe yikho ngalobobusuku, ngenkathi uDkt. Best nabo wayephandle lapho.

¹⁵⁶ Lokho, yabonani leyoNdlovukazi na? Yini eyayenza yaziphatha kanjalo na? Ibone into ethize yangempela. Ibone into ethize eyayingabeka izandla zayo phezu kwayo eyayingeyangempela, hhayi isithombe esiqoshiwe esasihlezi lapho, ukuthi umuntu othile wayesike e—e—emabuleni, noma okhunini, noma esenziwe ngobumba, yabona into ethize eyayingabeka izandla zayo kuyo, lokho, into ethize eyayiyiyo ngempela. Yabona into ethize eyaphila, eyaletha ukuPhila, yazi ukuthi kwakufanele kube nguNkulunkulu. Ibone into ethize . . . Yayibone okuningi kakhulu okokufakelwa, nokukhohlisa okuningi, yaze yafuna ukubona into ethize yangempela, noNkulunkulu wayivumela ukuba ikubone.

¹⁵⁷ Manje, bantwana, namuhla izwe ligcwele okokukhohlisa, “Woza ujoyine ihlelo lethu. Phindaphinda isivumokholo sethu. Woza ebandleni lethu, elikhulu kunawo wonke edolobheni.” Kungukukhohlisa. Angisho ukuthi abasiwo amaKristu phakathi lapho. Lokho akusikho . . . Kodwa mayelana nebandla elizihlanganisa nanoma yini ngakho, inhlangothi ihlangene nanoma yini ngakho, lokho akulungile. Kungukuzikhohlisa kokufakelwa nje. Lokho izwe elifuna ukukubona namhlanje kuyinto ethize yangempela, okwangempela, into ethize engeyangempela, iBhayibheli ngempela, okokwesaba uNkulunkulu ngempela.

¹⁵⁸ Nonke niyazi ngiyazingela, ngizingele yonke impilo yami. Umama wami uyiNdiya eliyiCherokee uhhafu, futhi ukuphenduka kwami akuzange kukukhiphe kimi. Uma noma yini engiyithandayo yilawomahlathi. O, angikwazi nje ukuma nhlobo . . . Ngingena kulawomahlathi, futhi ngiqale. Ngithola uNkulunkulu emahlathini. UNkulunkulu, ngiyamuzwa ebiza enkentshaneni nempisi, ngiMuzwe ekhala enyamazaneni idiye, ngani, impela. Ngiyamuzwa ememeza kakhulu okhozini, ngiMbone ekushoneni kwelanga, ndawo zonke nxazonke nguNkulunkulu. Phumani niye emvelweni, sukani kulamadolobha anukayo, nezinto, lapho unesono esingaka *nokubhidliza* okuqhubekayo ngaso sonke isikhathi.

¹⁵⁹ Ngafunda ephepheni ngolunye usuku, ngiyakhohlwa, yizigameko zokukhishwa kwezisu eziyizinkulungwane ezingamashumi amathathu ngeviki, kwenziwe, kwaqoshwa edolobheni laseChicago. Kungaki okungaqoshwanga na? Izigameko zokukhishwa kwezisu eziyizinkulungwane ezingamashumi amathathu. He, he! Kuzokwenzekani, mfowethu na? Cabanga ngomhlaba jikelele, kwenzekani ngalesisikhathi na? Isono. O, kuyesabeka!

¹⁶⁰ Phezulu emahlathini asenyakatho, lapho engangivame ukuzingela khona, ngangizingela nomfo enhla lapho

owayebizwa ngoBert Call, umfana okahle kakhulu, omunye wabazingeli ababedlula bonke engake ngazingela nabo. Awudingeki neze ukuba ukhathazeke ngaye. Wawungeke... Wawungeke ulahlekelwe nguye, wayazi ukuthi wayekuphi. Futhi sasikuthanda ukuzingela omunye nomunye, ngoba sasizingela inyamazane idiye enomsila omhlophe.

¹⁶¹ Kodwa leyo kwakuyindoda enonya kunawo onke engake ngayibona empilweni yami, wayengumuntu onenhliziyo enesihluku kunabo bonke engake ngambona. Wayengolunye uhlobo lohlobo oluyingxenye, ngakho u—u... kodwa umzingeli wangempela. Futhi ngangivame ukuthanda ukuzingela naye, kodwa wayenonya kakhulu, enesihluku kakhulu, wayevame ukudubula amazinyane amancane ezinyamazane ukuze nje angenze ngiphatheke kabi.

¹⁶² Awu manje, uma umthetho uthi ungadubula izinyane lenyamazane, lokho kulungile. U-Abrahama wabulala ithole futhi waliphakela uNkulunkulu, ngakho akukho lutho olungalungile ekubulaleni izinyane lenyamazane uma umthetho uthi kulungile. Kodwa nje ukuwadubula kube okokudlala ngakho, lokho akulungile, lokho ngukubulala ngenhloso. Angikholelwa ekukwenzeni. Ngingumongi wemvelo, isikhulu sezokongiwa kwemvelo iminyaka, ngisakholelwa kukho, futhi ngingoweziqubo eziningi zokongiwa kwemvelo. Kodwa manje, lapha ngiyakholelwa kukho, ngiyakholelwa—ngiyakholelwa ekuyogeni.

¹⁶³ Manje, noBert wayezokwenza nje lokho ngoba ngangiumshumayeli, wayengenza nje ngiphatheke kabi. Wayethi, “Awu, nina bashumayeli abanenhliziyo yenkukhu,” kanjalo. Wayecabanga ukuthi wayemkhulu, umfo onesihluku.

¹⁶⁴ Ngakho, ngomunye unyaka ngenyukela lapho, futhi wayezenzele impempe encanyanyana. Futhi wayengenza njengezinyane lenyamazane elincane, leyo yingane yenyamazane idiye, ikhalela umama wayo, futhi wayeyi—wayeyishaya lempempe encane. Uma wake wezwa izinyane lenyamazane likhala, kungokuxakile, umsindo omncane.

Ngase ngithi, “Bert, awuzukukusebenzisa lokho!”

Wathi, “Awu, qhubeka, Billy, hlakanipha.”

¹⁶⁵ Futhi awu, sahamba sayozingela ngalolosuku, futhi kwakukhona cishe amayintshi ayisithupha eqhwa, iqhwa elihle lokulandela umkhondo, sekuleyithi kancane enkathini yonyaka. Awu manje, kul’khuni ukuthola lezozinyamazane amadiye ezinomsila omhlophe, ngokushesha nje lapho inhlamvu yokuqala idubula, mfowethu, ukhuluma ngeHoudini, ingcweti yokuphunyuka, yayiyimfundamakhwela kuzo, zingabaleka. Futhi ngeke ziphume, ufanele uzikhiphe kulawomahlashana, uzithintithe ziphume lapho ngandlela thize, ngoba ziyocasha,

zilale phansi, zihuquzele ngaphansi kwenqwaba yamahlashana, yonke into, zibaleke; inqwaba yabazingeli.

¹⁶⁶ Yingalesosizathu wawufanele ube sesikhashaneni, udubule ngokushesha, masinya, yonke into, ukuze uthole inyamazane yakho idiye. Futhi uBert nami sasivame ukwenza kahle ngempela. Kodwa ubeyofuna ukuwabulala ngenhloso, wayethola amabili, noma amathathu, amane, amahlanu, noma yini ayengayenza, ukuzidlalela nje, ukukuhleka nje, bese-ke engihleka.

¹⁶⁷ Ngolunye usuku phezulu lapho sasibuyele emahlathini, futhi kwafika cishe isikhathi sedina. Sasihlala njalo siphethe ujeke ka—kashokoledi oshisayo, uthi ukukufudumeza lapho uma uphendulwa ndawondawo, futhi ufanele uhlale ngaphandle ubusuku bonke. Sasihlala njalo siphethe ukudla kwasemini okuncane. Futhi sasiyozingela sedlule sigudle ugu iPresidential, iMount Washington, i-Adams, phezu kweCherry Mountain, kanjalonjalo, izwe elihle.

¹⁶⁸ Futhi sasihambe sakhuphukela le endaweni ephansi phakathi kwezintaba ezimbili, izikhala, naphezulu ngaleyondlela, futhi sasikade siphezulu le, futhi sasizingele cishe kwaze kwaba ngeleshumi nanye nqo. Sifika ekugcwengekeni okuncane okucishe kube ngusayizi waleliholo elikhulu, noBert wathi ukuqoshama phansi *kanje*, waqala emuva esifubeni sakhe. Ngacabanga, “Awu, sizohlala phansi, sidle idina lethu.”

¹⁶⁹ Sasivame ukwehlukana, nomunye ahambe ngenye indlela, nomunye ngenye, sibuyela emuva; senyuka intaba, sizingela sibuyela emuva ezansi, omunye athathe ummango owodwa, nomunye omunye, sibuyela emuva.

¹⁷⁰ Futhi ngakho wahlala phansi, futhi ngaqala ukuhlala phansi, nami, futhi ngabona ukuthi wayefaka isandla ephaketheni lakhe, futhi wathola leyompempe endadlana. Ngacabanga . . . Ngathi, “Bert, ubungeke ukwenze lokho.”

¹⁷¹ Wavele wahleka. Futhi wa—wayenamehlo ayebukeka njengesibankwa nje kimi, uhlobo lwamehlo abukeka njengawesibankwa, ebeke emaceleni. Wangibuka phezulu, ethi ukusineka uhhafu ngalokho, kwakubukeka njengenja ebulala izimvu, futhi wathatha lempempe endadlana emlonyeni wakhe, futhi wayishaya nje njengencane, ingane eyizinyane lenyamazane ikhala. Futhi ngenkathi ekwenza, okwangimangaza, khona ngqo ngaphesheya kwalokho kuvuleka kwaphakama inyamazane eyinsikazi enkulu.

¹⁷² Manje, inyamazane yensikazi ingumama-diye, uma ubungeke wazi. O, yayiwuhlobo oluhle lwesilwane, amakhulu kakhulu, amadlebe amahle, lawo amakhulu, amehlo ansundu ecwebezela. Ngayibuka. Futhi wangibuka phezulu ngalawomehlo esibankwa. Ngathi, “Bert, ubungeke ukwenze lokho.”

173 Manje, lokho—lokho kuyaxaka, ngeke zivuke ngalesosikhathi sosuku kanjalo. Ziyohlala . . . Kodwa kwakuyini na? Yayingumama, ingane yayikhala. Ngase ngiyibuka futhi. Ngangiyibona iphakamise lelokhanda elikhulu iqalaza, amadlebe amakhulu ebheke phezulu. Wayeseyifutha futhi, yakhala njengengane. Yaphumela ngqo esikhaleni. O, lokho kwakungejwayelekile impela, azikwenzi lokho. Ngiyibona iphumela lapho kulesosikhala.

174 Ngacabanga, “A-o!” Futhi ngambona ehlehlisa leyongciphophosa kulelogobolondo kuleyo .30-06. O, wayengumnembi. Futhi wabeka lesosibuko esandisayo phansi, lezozintambo ezimbili eziphambene zokukala ngqo enhliziyweni yayo. Ngacabanga, “O, bakithi! Angakwenza kanjani na? Angakwenza kanjani na? Lowomama oligugu emi phandle lapho efuna ingane yakhe, ngomzuzwana owodwa kusukela manje, wathinta leyongciphopho yesibhamu ngaleyonhlamvu eyinhlamvu esakhowe eyikhulu namashumi ayisishiyagalombili, wayezoyiqhumisa inhliziyoyayo eyigugu iyothi ngqu ngakolunye uhlangothi lwayo. Ngacabanga, “Bert, ungakwenza kanjani lokho na? Ungaba kanjani nonya kangako na?” Futhi ngambona ngalawomehlo esibankwa, ehla, ngacabanga, “Kulungile.” Angikwazanga ukukubuka, angikwazanga nje ukukwenza.

175 Futhi yayimi lapho ihamba iqhubeka. Kwakuyini indaba na? Yayingesuye umzenzisi, yayingazami ukwenza okuthile, yayingumama, kwazalwa kuyo ukuba ibe ngumama. Yayifuna ingane yayo. O, he! Yayibheka leyongane.

176 Emva kwesikhashana, ngenkathi umbhobho uphakama ngaphezu kwesihlahla, inyamazane idiye yabuka. Manje, ngokwejwayelekile ziyogxuma, zigijime ngokushesha. Awu, ngokushesha *kangako* sezihambile. [UMfowethu Branham ushaya umunwe wakhe—Umhl.] Kodwa hhayi yona, ibone umzingeli, yethuka ngakho, njengoba sikubiza kanjalo, yabuka, ibone umzingeli, kodwa yanyakazisa umlomo wayo kabili noma kathathu, yaphakamisa ikhanda layo, kusobala yayisihogela simi lapho, yabuka, kodwa kwakuyini indaba na? Ingane yayo, ndawondawo, yayisenkathazweni, ukuzibonela kwemvelo kukamama.

177 Yayazi ukuthi kwakungukufa, yayazi ukuthi yayizofa, kodwa yayingenandaba, kwakukhona into ethize kuyo, uthando lukamama, luyiqhubela kuleyongane. “Ikuphi na? Iphi ingane yami na? Isenkathazweni.”

178 A—angibange ngisabheka, angikwazanga nje. Ngacabanga, “Leyonhliziyoyethembekile yalowomama oligugu! Bert, ungakwenza kanjani na? Unonya, u—umubi ukwenza into enjengaleyo.” Futhi ngambona esukuma *kanjalo*, ngase ngifulathela.

179 Ngakhuleka enhliziyweni yami, ngathi, “Baba waseZulwini, ungamvumeli enze lokho. Angama kanjani, abone lowomama oligugu lapho ezama ukuthola ingane yakhe, bese-ke emkhohlisa kanjalo, bese eqhumisa eyakhe eyigugu, ethembekile, inhliziyi kamama ithi ngqu kuye na?” Ngathi, “Angakwenza kanjani lokho, Nkosi na?”

180 Ngalinda, isibhamu asizange sidubule. Ngalinda isikhashana esidana, asidubulanga. Ngacabanga, “Yini indaba na?” Ngabheka emuva, nombhobho wesibhamu wawuhamba *kanje*.

181 Ngaqalaza. Wabheka phezulu, nezinyembezi ezinkulu zaziphuma emehlweni akhe, waphosa isibhamu phansi osebeni, wathi, “Billy, sengenele yikho. Ngiholele kulowoJesu omaziyo.”

182 Khona lapho kulolosebe lweqhwa ngaholela lowomzingeli onenhliziyi enonya (Kwakuyini na?) eNkosini uJesu Kristu. Ngani na? Wabona into ethize yangempela, ubone into ethize eyayingafakelwanga, ubone into ethize eyayingeyoqobo, isehlakalo sokuzalwa, umama.

183 Ubungethande ukuba yilohlobo lomKristu na? Ubungethande yini ukuba uNkulunkulu akwenze umKristu, kakhulu impela umKristu njengalowomama, leyonyamazane idiye yayingumama na?

Asikhothamise amakhanda ethu umzuzwana, futhi siMcele ukuba akwenze.

184 Baba wethu waseZulwini, indaba encane elula lapho ye—yeNdlovukazi yaseNingizimu ibona into ethize yangempela ngesiphiwo sikaNkulunkulu. Nalawomabandla enhla eNew England lapho, a—ayengenalutho ngaphandle kwebandla nje, kanjalonjalo, lowomzingeli wayekade, Uyamazi, Nkosi, manje umfowethu oligugu, umdikoni ebandleni, kodwa wayengakaze abone noma yini yangempela.

185 Nkosi, Wena wathi, “Uma bethula, amatshe azomemeza.” Into ethize izofanele imemeze kakhulu, “Kukhona uNkulunkulu ophilayo.” Isikhathi sokuqala leyo ndoda ibone into ethize eyayingeyangempela, yazi ukuthi kwakukhona uNkulunkulu ophilayo ngaleyonkathi. Wasebenzisa inyamazane idiye ukwenza isimangaliso, futhi ulethe isoni esinenhliziyi enonya kuWe, ngoba umama wenyamazane idiye waveza obala ubuqiniso bobumama.

186 Nkulunkulu, yenza wonke owesilisa nowesifazane phakathi lapha, kulobubusuku, umKristu onjengalokho, ongaveza obala uthando olunjalo ezinhliziyweni zabo, ukuthi bazoba ngu, umKristu onjalo, baphile impilo engenabala evela ezweni, kuze kuthi omakhelwane babo bazokwazi ukuthi bangamaKristu angempela, futhi bafune ukufana nabo.

¹⁸⁷ Wathi emaVangelini aKho, “Ningusawoti womhlaba, kepha uma usawoti edumele.” Nkosi, yilokho okwenzeka emahlelweni ethu, alahlekelwa ukunambitheka kwawo, adweba imigqa yemingcele, futhi angavumeli namunye aphume noma namunye angene. Baba, ngiyakhuleka, kulobubusuku, siyazi ukuthi usawoti uyisinongo uma uxhumana, ngiyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi lelibandla elincane nalababantu bazoba nobusawoti kakhulu wothando lukaNkulunkulu, baze baxhumane naso sonke isoni abangakwazi, ngempilo enjalo, uma bengakwazi ukushumayela intshumayelo mabaphile eyodwa, baveze uthando lukaNkulunkulu, njengoba lowomama wenyamazane idiye enza ngengane yakhe.

¹⁸⁸ Balindile, Baba, bemukele eMbusweni waKho. Kwangathi bona kulobubusuku, labo abaphakamise izandla zabo, kwangathi bangaba yizinceku zaKho kulobubusuku. Kwangathi Ungabakhombisa emizuzwini embalwa elandelayo ukuthi Uyaphila, awufile, Uyaphila kuze kube phakade.

¹⁸⁹ Wena wathi, “NginguYe owayefile, futhi sengiyaphila futhi, futhi ngiphila kuze kube phakade. Futhi ngoba Ngiyaphila, nani niyaphila. Ozwa amaZwi aMi, akholwe NgoNgithumileyo, unokuPhila okuphakade, futhi akayikuya ekwaHlulelweni, kepha wedlulile ekufeni wangena ekuPhileni.” Baba, ngikhulekela ukuthi Uzokwenza amakholwa, kulobubusuku, kubo bonke. Uma bona bephakathi lapha, bengakholwa, kwangathi bangahamba bekholwa.

¹⁹⁰ Futhi manje inkonzo isisezandleni zaKho, Nkosi, lokhu ngokude engingakuhamba, kumbe noma yimuphi omunye umuntu. Kodwa lapho sisuka lapha kulobubusuku, ngikhulekela ukuthi abantu, njengoba besuka kulelihlo elikhulu, bazosho njengalabo ababevela e-Emawuse, “Izinhliziyo zethu bezingavuthi yini phakathi kwethu na?” Wahamba nabo usuku lonke, nokho abakwazanga Wena, kodwa ngenkathi Ubafake ngaphakathi ekamelweni, futhi khona-ke Wenza into ethize njengoba nje Wenza ngaphambi kokubethelwa kwaKho, khona-ke bazi ukuthi Uvukile kwabafileyo.

¹⁹¹ Manje, Nkosi, woza futhi kulobubusuku, sivalelwe lapha kulendlu yezihambi kulobubusuku, kulendlu encane iLegion, manje woza wenze okuthize kulobubusuku. Khombisa isibonakaliso saKho sobuMesiya ukuthi Uyisibonakaliso sobuMesiya, futhi lesi yisizukulwane esibi nesiphingayo, futhi Unguye izolo, namuhla, naphakade, ukuthi lokhu kunjengoba kwakunjalo emihleni kaLoti, ngenkathi Uhlezi Ufulathele itende, futhi wathi, “Uhlekeleni uSara ethendeni na?” futhi watshela u-Abrahama ukuthi igama lomkakhe lalinguSara.

¹⁹² Wethembisa ukuthi Uyokwenza, Nkosi, siphe khona. Khona-ke lapho sisuka lapha kulobubusuku, sizoya emakhaya ethu ehlukeni sithi, “Izinhliziyo zethu bezingavuthi yini

phakathi kwethu, lapho Ekhulumama kithi endleleni na?” Ngokuba siyakucela, eGameni laKhe, nangenkazimulo yaKhe, iGama likaJesu Kristu. Amen.

¹⁹³ Ngizokhulekela abagulayo manje. (Uxolo, Paul.) Ngizokhulekela abagulayo. Anginamfundo, a—anginawo amandla, ngingumfowenu, ngiyethemba niyakuqonda lokho. Ngithunyelwe kini nguMsindisi wenu, noMsindisi wami, uNkulunkulu wenu, noNkulunkulu wami.

¹⁹⁴ Manje, ngesinye isikhathi uDavide umelusi wezimvu, wayeluse izimvu zikayise. Futhi ngizozama ukuthatha indawo kaDavide, lalélisisani, ngizozama ukuthatha indawo kaDavide, kulobubusuku, ngelusa izimvu zikaBaba wami. Futhi ngoluny’usuku ibhere liyangena lase lithatha imvu, noDavide wayengesiyo indoda yomkhonto, noma indoda yenkamba, into kuphela ayenayo kwakuyindwayimane encane, kodwa wayenomusa kaNkulunkulu enhliziyweni yakhe, ingonyama iyangena futhi yathola eyodwa, waphuma wayilandela, wayithola, wayibulala, wabuyisa imvu.

¹⁹⁵ Anginamuthi, angisuye udokotela, beningeke ngaba ngudokotela ohlinzayo, angazi ukuthi uphathwa kanjani ummese, angazi lutho ngakho, kodwa yinye into enginayo, leyo yindwayimane encane yomkhuleko, kulula, kodwa ngelinye ilanga umdlavuzi uyangena, futhi wathola enye yezimvu zikaBaba wami, ngawulandela, ngabuyisa imvu, umkhuleko wokukholwa wayisindisa. Ngiza emva kwakho, kulobubusuku, ngendwayimane yomkhuleko, ngifuna ukubuyisa izimvu zikaBaba. Ngikhulekeleni manje, njengoba sibiza umugqa womkhuleko.

¹⁹⁶ Nonke nina boDavide phakathi lapha ngisizeni, imvu kaBaba ibanjwe nesitha, asiyibuyisele empilweni futhi, kulobubusuku. UBaba wasitshela ukuthi besingakwenza, uma besingacela noma yini eGameni laKhe, Uyokwenza, “Thanini kulentaba, ‘Qukuleka,’ futhi ungangabazi, ungaba nakho okushilo.”

¹⁹⁷ Siwabize kuphi lawomakhadi omkhuleko na? Ngabe yilokho ebesi...? Hhe? Elokuqala? Sibize kusukela kwelokuqala izolo ebusuku, asizange na? Ini? O, nanikeza amanye futhi na? Bekuyini na? O B? Amakhadi omkhuleko o B. Bangaki esibe nabo phezulu izolo ebusuku na? Ishumi nesishiyagalombili, ishumi nesishiyagalombili? Akuthathi amaningi.

¹⁹⁸ Khona-ke bona phandle lapho bengenawo amakhadi omkhuleko, lokho kulunge ngokuphelele, kholwa ngayo yonke inhliziyi yakho. Nibonile izolo ebusuku, bekukhona abanengi phandle ezethamelini, bekukhona phezulu lapha emsamo.

¹⁹⁹ Asibize abambalwa kulawomakhadi nokho, khona manje. Asiqale kusukela, ake sithi... Bangaki esinabo izolo ebusuku na? Ishumi nanhlanu noma ishumi nesishiyagalombili

na? Asiqale kusakela emashumini ayisishiyagalombili-nanhlanu kulobubusuku, ikhadi lomkhuleko u B, wamashumi ayisishiyagalombili-nanhlanu. Ubani onamashumi ayisishiyagalombili-nanhlanu na? Niyabo? Ikhadi lomkhuleko B, lamashumi ayisishiyagalombili-nanhlanu. Kuphi na? O, ngiyaxolisa. Amashumi ayisishiyagalombili-nanhlanu, woza ngapha, mnumzane, noma ngabe ungubani. Amashumi ayisishiyagalombili-nesithupha. Ungasiphakamisa isandla sakho ngokushesha na? Amashumi ayisishiyagalombili-nesikhombisa. Ngapha. Amashumi ayisishiyagalombili-nesikhombisa? Ngubani onamashumi ayisishiyagalombili-nesikhombisa na? Lelinenekazi lapha, unamashumi ayisishiyagalombili-nesikhombisa na? Ngapha, nenekazi. Amashumi ayisishiyagalombili-nesishiyagalombili, amashumi ayisishiyagalombili-nesishiyagalolunye. Angiwabonanga amashumi ayisishiyagalombili-nesishiyagalolunye. Ubungasiphakamisa isandla sakho na? Bukani abantu abasezihlalweni ezinamasondo, nibone ukuthi bakuphi. Amashumi ayisishiyagalombili-nesishiyagalolunye. Kwangathi-...Buka...Ulibhekile lelokhadi na? Amashumi ayisishiyagalombili-nesishiyagalolunye. Ubani onekhadi lomkhuleko lamashumi ayisishiyagalombili-nesishiyagalolunye na? Amashumi ayisishiyagalombili-nanhlanu, amashumi ayisishiyagalombili-nesithupha, amashumi ayisishiyagalombili-nesikhombisa, amashumi ayisishiyagalombili-nesishiyagalombili, amashumi ayisishiyagalombili-nesishiyagalolunye.

²⁰⁰ Manje, ningawathathi amakhadi ngaphandle uma nihlose ukuza emsamo, niyabo, lapho ngibiza kusuka ndawondawo, khona-ke kungaphenduli muntu, khona-ke makuthi omunye umuntu athole ikhadi ozoza. Amashumi ayisishiyagalombili-nesishiyagalolunye, amashumi ayisishiyagalolunye. Ubani onekhadi lomkhuleko lamashumi ayisishiyagalolunye na? Kulungile. Amashumi ayisishiyagalolunye-nanye. Kulungile. Amashumi ayisishiyagalolunye-nambili, amashumi ayisishiyagalolunye-nantathu, amashumi ayisishiyagalolunye-nane, amashumi ayisishiyagalolunye-nane. Angikubonanga.

²⁰¹ Bukani e, omunye ngapha, laba—laba besifazane ababili behlezi lapha esihlalweni esinamasondo, bebengakwazi ukusukuma, uma ikhadi labo libizwa, sizobathwala ngapha, niyabo.

²⁰² Amashumi ayisishiyagalolunye nanye, -nambili, -nantathu, -nane, -nhlanu. Amashumi ayisishiyagalombili-nanhlanu kuya emashumini ayisishiyagalolunye-nanhlanu; amashumi ayisishiyagalolunye-nanhlanu kuya ekhulwini ekhadini lomkhuleko u B. Ungeza na? Amashumi ayisishiyagalolunye. Amashumi ayisishiyagalombili—amashumi ayisishiyagalombili-nanhlanu kuya ekhulwini,

labo abaphethe lawomakhadi. Nonke nina abanye nje nibambe amakhadi enu, sizo—sizofika kuwo, masinya. Amashumi ayisishiyagalombili-nanhlanu, amashumi ayisishiyagalombili-nesithupha, amashumi ayisishiyagalombili-nesikhombisa, amashumi ayisishiyagalombili-nesishiyagalombili, amashumi ayisishiyagalombili-nesishiyagalolunye, amashumi ayisishiyagalolunye, amashumi ayisishiyagalolunye nanye, -nambili, -nantathu, -nane, -nanhlanu, -nesithupha, -nesikhombisa, -nesishiyagalombili, -nesishiyagalolunye, ikhulu.

²⁰³ Manje, ngenkathi besaqoqa labo abambalwa esizoqala ngabo lapha, bangahle bangafinyeleli koyedwa noma ababili babo, angazi, kuya ngokuthi uMoya oNgcwele uthini, bangaki ezethamelini lapha ongenalo ikhadi lomkhuleko, futhi nokho uyafuna, uyagula, futhi ufuna uNkulunkulu akuphulukise na? Phakamisa isandla sakho. Kulungile. Manje, anginazi. Kodwa uma nje uzobuka ngapha futhi ukholwe! Bangaki owayengakaze abe komunye wemihlangano yami phambilini na? Ake sibone izandla zenu. INkosi inibusise, siyajabula ukuba nani kulobubusuku.

²⁰⁴ Manje, khumbulani, angizisho ukuthi ngingumphulukisi, ngikholwa ukuthi munye kuphela uMphulukisi, lowo nguNkulunkulu. Futhi ngiyakholwa ukuthi Usevele ukwenzele konke Angakwenza, sekuyisikhathi sakho esilandelayo sokwamukela lokho Akwenzele khona. Kodwa ukuba Ubemi lapha kulobubusuku, egqoke lesudu, Ubengeke akwenzele okunye kunalokho Akwenzayo, lokho Abezokwenza khona lapha manje. Ngabe kunjalo na?

²⁰⁵ Manje, eBhayibhelini... Bangaki okholwayo ukuthi uJesu ungumPristi oMkhulu na? Bangaki owaziyo ukuthi iBhayibheli lasho ukuthi Unguye, khona manje, umPristi oMkhulu, emi ngakwesokunene soMkhulu kweliPhezulu, esinxusela na? Ngabe kunjalo na? Bangaki owaziyo ukuthi amaHeberu 13:8 athi, “UJesu Kristu unguye izolo, namuhla, naphakade”? Awu, uma EngumPristi oMkhulu ofanayo Ayenguye izolo, nalomPristi oMkhulu ohlezi kweliPhezulu, UngumPristi oMkhulu manje, ohlezi Phezulu, onokuzwelana nobuthakathaka bethu. Bangaki owaziyo ukuthi iBhayibheli liyakusho lokho, ukuthi Angathintwa na?

²⁰⁶ Manje, uzoMthinta kanjani uma Ehlezi Phezulu na? Indlela efanayo owesifazane enza ngayo owaMthinta emuva lapho. Kwakungesiwo umunwe wakhe engutsheni yaKhe, Akakuzwanga lokho, kodwa kwakungukukholwa kwakhe. Abaningi babeMthinta *ngalendlela*. Kodwa Wathi, “Ukukholwa kwakho kukusindisile.” Manje, waMthinta, futhi Waphenduka futhi wayengazi ukuthi ubani okwenzile. Ngabe kunjalo na? Waqalaza macala onke, Wathi, “Ubani oNgithintile na?”

²⁰⁷ Futhi uPetru waMthukuthelela ngempela, wayesethi, “Awu,

Nkosi,” waMkhuza, washo ngenye indlela, utshela u, “Ukhuluma ngani, empeleni na? Kungani Usho into enjengaleyo na? Wonke umuntu uyaKumbambatha emhlane.”

Wathi, “Ya,” wathi, “lolu wuhlobo olwehlukile lokuthinta, Ngi—Ngizizwe ngiphela amandla.” Amandla, lawo amandla okuqina, aMshiya.

²⁰⁸ Waqalaza macala onke ezethamelini, futhi Wathola owesifazane omncane phandle lapho, futhi wamtshela ukuthi wayenomopho, nokukholwa kwakhe kwakumsindisile. Ngabe kunjalo na? Manje, Akazange athi Wakwenza, Wathi ukukholwa kwakhe *kuYe* kwakwenza.

²⁰⁹ Awu, manje, uma EngumPristi oMkhulu ofanayo kulobubusuku, ofanayo njengoba Wayenjalo ngenkathi Elapha emhlabeni, futhi Yena, iBhayibheli lithi UngumPristi oMkhulu onokuzwelana nobuthakathaka bethu, uma uMthinta, Angeke enze ngokufanayo njengoba Enza ngaleyonkathi na? Wayengeke enze ngokwehlukile, abe ngumPristi oMkhulu ofanayo. Bangaki owaziyo ukuthi lokho kuyiqiniso na?

²¹⁰ Kulungile, khona-ke wena, ngokukholwa, ubuka phezulu, bese uthi, “Nkosi Jesu, UngumPristi wami oMkhulu, mangiKuthinte, Nkosi, ngobuthakathaka bami, ngihawukele. Makuthi uMfowethu Branham abize manje, ngiyazi ukuthi Ungumuntu nje, kodwa UsengumPristi oMkhulu, futhi manje, ngifuna ukuKuthinta, futhi Wena khuluma ngaye, futhi ungibize njengoba nje Wenza—wenza lowo wesifazane.” Lokho kuzosusa konke ukungabaza enhliziyweni yakho, bekungeke na?

²¹¹ O, lokhu akumangalisi na? Hhayi omunye wasendulo, uNkulunkulu womlando, kodwa uNkulunkulu khona manje.

²¹² Bangaki owaziyo ukuthi uJesu Kristu washo qobo lwaKhe ukuthi Akenzanga lutho uNkulunkulu waze waMkhombisa umbono kuqala ukuthi akenzeni na? UJohane oNgcwele 5:19, “Ngqiqinisile, ngiqinisile, Ngithi kini,” igama “ngiqinisile” lisho ukuthi *ngokoqobo*, “Ngithi kini, INdodana,” lowo ngumzimba waKhe, inyama, “ingenze lutho ngokwaYo, kodwa lokho Ebona uYise ekwenza, lokho iNdodana iyakwenza kanjalo.” Ngabe kunjalo na? Khona-ke Akazange enze nesisodwa isimangaliso waze Wabona umbono wakho kwenziwa. Ngabe kunjalo na? Uma Engashongo, Washo into ethize eyiphutha, futhi Wayengekhulume lutho okuyiphutha, ngoba WayenguNkulunkulu. Niyabo? Ngakho kwakufanele kube njalo.

²¹³ Manje, ngifuna nithule nje njengoba kungenzeka, futhi nihloniphe ngokuzithoba ngempela, nibheke, nikhuleke. Manje, ngezinye izikhathi lapho lolugcobo lushaya . . . Angisho ukuthi luzoshaya, uma lungakwenzi, khona-ke into kuphela engingayenza ngukuzinikela kuNkulunkulu, ngisuke emsamo, yilokho kuphela engingakwenza. Kodwa uma Efika, futhi enze into efanayo lapha, futhi afakazise ukuthi Usenguye uMesiya

kwabeZizwe ekuvaleni konyaka wethu njengoba Wayenjalo kumJuda nomSamariya, ningeza nina bantu futhi niMemukele njengoMsindisi noMphulukisi na? Beniyokwenza, nikukholwe na?

²¹⁴ Manje, ngokwazi kwami, kuzo zonke lezizethameli angiboni noyedwa umuntu engimaziyo. Emsamo, kuze kube manje. . . Ngazana nalomfundisi omncane selokhu ngibe lapha, umfowethu omncane lapha, indodana yami nabafana bami abaqopha ngeteyipu lapha uyena kuphela engi—ngimaziyo.

²¹⁵ Ngikholwa ukuthi ngiyamazi lomfowethu, angikwazi ukumkhumbula, ngikholwa ukuthi ungowasezansi eLouisiana, ndawondawo. Angihambanga yini ngiyozingela amadada ngesinye isikhathi nawe, noma ngehlela lapho endaweni yakho, noma okuthize na? Besinomhlangano ezansi e. . . Laliyini igama lendawo na? I-DeQuincy. UBennett. He! Ngiyaxolisa, ngifanele nje ngikuxhawule. UNkulunkulu akubusise. Sekuyisikhathi eside ngingakuboni. Awu, awukashintshi, sengigugile. Uyabo, ngadingeka ngisebenze, mhlawumbe. [UMfowethu Bennett uthi, “Sifuna ubuye.”—Umhl.] Ngiyabonga, Mfowethu Bennett. Kuhle kakhulu!

Emgqeni womkhuleko, ngabe ngiyisihambi kini nonke na? Angikwazi na? Uma kunjalo, phakamisani izandla zenu uma ngi—uma ngiyisihambi kini. Kulungile.

Nonke laphaya engiyisihambi kuye, futhi uyazi ukuthi angikwazi, phakamisa isandla sakho. Niyabo?

²¹⁶ Manje silapha. Ngabe Usenguye uJesu, noma Akasuye na? Uma Ekwenza, uma Ezoligcina iZwi laKhe, UsenguNkulunkulu. Uma lokho kungasizi-ke, uma leliBhayibheli lapha. . . Uma uNkulunkulu engayikusigcina isithembiso saKhe, khona-ke Akasuye uNkulunkulu; uma Esigcina isithembiso saKhe, UnguNkulunkulu.

²¹⁷ Futhi manje, ngenkathi Elapha emhlabeni, niyakhumbula ukuthi Wenzani, Wabakhombisa isibonakaliso saKhe sobuMesiya. Futhi nonke nina bafundi beBhayibheli niyakwazi lokho, ukuthi isibonakaliso sobuMesiya sasiyisibonakaliso somprofethi. Wonke okwaziyo lokho, phakamisa isandla sakho, bafundi beBhayibheli. Impela. “INKosi uNkulunkulu wenu izovusa umProfethi onjengami.”

²¹⁸ Kodwa amaJuda awakwazanga ukuphendula, ngakho bathi, “Uyakwenza, ungu—ngumbhuli, uBelzabule, ukufunda ingqondo, noma okuthize.” Futhi benza into efanayo namhlanje, kodwa lokho akumvimbi uNkulunkulu, Uqhubeka ngqo ngokufanayo nje, uhamba ngokufanayo nje, omunye uzokholwa.

²¹⁹ Manje, uma bengingaphulukisa noma yimuphi wenu bantu lapha, bengiyokwenza, kodwa angikwazi ukukwenza. UJesu ubengenakukwenza, ukuba Ubemi khona lapha, futhi uza kuYe,

Ubemi lapha egqoke lesudu Angipha yona, ubuyothi, “Nkosi, ngiyagula, ngifuna Wena ukuba ungiphulukise.”

²²⁰ Sengathi ngiyabona Ubengasho into ethize enjengale: “Mntwana waMi, awukholwa ukuthi Ngakwenza lokho na? ANgilinyazwanga yini ngenxa yeziphambeko zenu, ngachotshozwa ngobubi benu na? Ngemivimbo yaMi naphulukiswa. Anikukholwa lokho na? Sengivele ngikwenzile.”

²²¹ Awu, manje, Wathini emuva lapho na? “Ngingakwazi, uma ukholwa.” Awu, sekuvele kwenziwe manje, ngakho ufanele nje ukholwe, yilokho kuphela. Ngakho into kuphela Ayengayenza bekungaba yinto ethize yokunikhombisa ukuthi WayenguMesiya.

²²² Ngakho, umzimba waKhe kulobubusuku uhlezi esihlalweni sobukhosi sikaNkulunkulu. Siyakukholwa lokho, asikukholwa na? Ngelinye ilanga Uyobuyela emhlabeni esikhathini seminyaka eyiNkulungwane, futhi ahlale esihlalweni sobukhosi sikaDavide. Kunjalo. Kodwa Uhlezi esihlalweni sobukhosi sikaNkulunkulu kulobubusuku eNkazimulweni, ephilela njalo ukwenza izinxuselo. Kodwa uMoya waKhe usemuva lapha eBandleni, noMoya waKhe wenza into efanayo, njengoba ngishilo kulokhu ukusa, uma igatsha lokuqala loMvini laveza ibandla lePentecostal, lonke igatsha langempela eliphuma kulowomVini yizoveza elinye ibandla lePentecostal. Kodwa sinenqwaba yimagatsha afakelwe, futhi athela inhlobo yawo. Sinegatsha leMethodisti lifakelwe kulo, igatsha leBaptisti, Igatsha lePentecostal, zonke ezinye izinhlobo zegatsha, lithela isithelo salo uqobo.

²²³ Ungathatha i—isihlahla samawolintshi bese ufaka uphaphamuzi kuso, uyophila ngokuphila kwalesosihlahla, kodwa uyothela uphaphamuzi; ufake ulamula phakathi lapho, uyothela ulamula, hhayi iwolintshi, nokho uphila ngokuphila kwewolintshi, niyabo, noma yisiphi isithelo esisawolintshi.

²²⁴ Noma yiliphi ibandla elizisho ukuthi lingumKristu liyachuma ngenkazimulo nezindumiso zikaKristu, kodwa lingethele isithelo. Ngeke lithole ukuPhila kukaKristu aze uKristu aveze lelogatsha qobo lwaKhe, khona-ke kuzoba... bayobhala enye iNcwadi yeZenzo emva kwayo, kunjalo, ngoba yizenzo zikaMoya oNgcwele eBandleni. Niyabo? Kungaleyondlela kulobubusuku, uJesu Kristu onguye izolo, namuhla, naphakade.

²²⁵ Asikhuleke manje, wonke umuntu akathule ngempela, ninganyakazi, hlalani nithule ebandleni lenu, noma izihlalo zenu, amabhentshi asesontweni, noma ngabe kukuphi, hlalani nje nithule ngempela isikhashana, nihloniphe ngokuzithoba.

²²⁶ Baba, lesi yisititimende esikhulu, kodwa lapha kulobubusuku ngaphezu kwabantu abayikhulu nje nabambalwa lapha, abahlezi lapha, ngiKucelile ukuba uze ngaphambili, noma

ngabe kukhona amashumi ezinkulungwane, yebo, amakhulu ezinkulungwane, Awukaze usehlulekise okwamanje.

²²⁷ Izinsuku zami ziyafiphala manje, Nkosi, nginjalo, ngoluny'usuku ngizodingeka ngivale leliBhayibheli okwesikhathi saLo sokugcina. Uma ngifanele ngihambe kulobubusuku, Ufakazisile ubufakazi ukuthi buyiqiniso. Kusukela ngisengumfanyana ngabatshela ukuthi ngangibone ukuKhanya, Kwakuphuzi, njengensika. Uvumele isayense emhlabeni jikelele ithathe lesosithombe futhi iSihlole, izikhathi eziningi Ufika, futhi manje sekungumbala we*Kodachrome*, Uvumele sithathwe emavikini ambalwa edlule. IJamane, iSwitzerland, ngokuzungeza ezweni, amakhamera esizwe. Uma ngifa, ikhamera yomshini iyakhuluma ukuthi ngibatshele iqiniso, bona kanye uBukhona baKho bukhombisa ukuthi kwakuyiqiniso, iBhayibheli laKho lizisholo lona ukuthi kuyiqiniso. Baba, kwangathi abantu bangaLikholwa njengeqiniso, futhi bemukele Wena kulobubusuku njengoMphulukisi wabo, njengoMsindisi wabo, njengeNkosi yabo, njengoMbusi wabo, ubuKhosi ukubusa, ukuphatha ezimpilweni zabo. Siphe khona, Nkosi.

²²⁸ Manje nami uqobo, nalelibandla, nginikela konke ezandleni zaKho, ukuthi Ugenza okuthize kulobubusuku, ukukhombisa lababantu ukuthi Usenguye uNkulunkulu-mProfethi. UsenguNkulunkulu. Wena nje...Bona...Wafa ukuba ususe isono, kodwa Wavuka ngosuku lwesithathu. Wena wathi, “*Nginamandla okubeka ukuphila kwaMi phansi, futhi Nginamandla okukuthatha.*” Akekho owakuthatha kuWe, futhi akukho-muntu owakuvusa. Wazibeka phansi Qobo lwaKho, waphakamisa ubuWena baKho uQobo.

²²⁹ IBhayibheli lathi uNkulunkulu waMvusa, futhi kuyiqiniso. Baba, Uphila kuze kube phakade, uhlala ezinhliziyweni zabantu baKho, nesithembiso, “Imisebenzi engiyenzayo Mina, nabo bayakuyenza.” Ngicaphuna lokhu, Nkosi, ngoba Uqinisile eZwini laKho, futhi Washo njengoba kwakunjalo emihleni yaseSodoma, kuyoba ngaleyondlela nje ekufikeni kweNdodana yomuntu.

²³⁰ Futhi siyakhumbula, ngenkathi lezozibonakaliso zenziwa eSodoma, kwakuyisikhathi esifishane nje kwaze kwawa uMlilo futhi washisa iSodoma. Sikubhekile noma ngasiphi isikhathi, Nkosi. Sibona isibonakaliso sivela. Sibona izwe esimweni saseSodoma, izithembiso zikaNkulunkulu zibonakaliswa. Uzokwenza kanye futhi kulobubusuku, Nkosi, ekudunyisweni nasenkazimulweni yaKhe Owafundisa iZwi na? Ngiyacela, eGameni likaJesu Kristu, ngenkazimulo kaNkulunkulu. Amen.

²³¹ Manje, akunandaba ukuthi kwenzekani, hloniphani ngokuzithoba. Angiqondile ukuthi awukwazi ukudumisa uNkulunkulu, kodwa sondela kuNkulunkulu ngokuthula,

ngokusile, ngokumangalisayo, bese kuthi-ke, lapho ubona uNkulunkulu enza okuthize, impela, Ufuna wena uMkhonze, kodwa uze ngenhlonipho yokuzithoba.

²³² Manje, lapho nina bantu ningena emgqeni, niza lapha, noma laphaya, hlalani niqaphile. Ngiyabheka, anginakuKulawula, angiKulawuli, Kuyangilawula. Ngingakhuluma kuphela lokho Okungitshela khona, ngingakhuluma kuphela, futhi lapho Kukhona, ngiyaKubheka, noma ngabe Kukuphi, lapho ngiyaKubheka, futhi ngibone ukuthi Kwenzani.

²³³ Manje, izolo ebusuku umuntu wokuqala ebesinaye emsamo, ngikholwa ukuthi bekungowesifazane. Ngabe kunjalo na? Ngabe yiyo lendoda na? Kulungile. Owokuqala kulobubusuku yindoda.

²³⁴ Manje, sithole izolo ebusuku, ngenkathi owesifazane eza eNkosini uJesu, waya emthonjeni ukuyokha amanzi, uJesu wakhuluma naye isikhashana, futhi—futhi ngqo Wayithola inkathazo yakhe, Wayesethi, “Hamba, ulande indoda yakho.”

Wathi, “Anginandoda.”

Wathi, “Kunjalo. Ubunayisihlanu, nale ohlala nayo manje ayisiyo eyakho.”

Wathi, “Mnumzane, ngiyabona ukuthi Ungumprofethi wena.”

²³⁵ Manje, orabi abakhulu, nothisha, namadoda ebandla bathi, “Ungudeveli.” Benazi yini ukuthi udeveli nguye owaMvuma ukuthi uyiNdodana kaNkulunkulu, nabashumayeli bavuma ukuthi Wayengudeveli na? Lokho kwakuyisikhathi esisodwa u—udeveli eqinisile.

²³⁶ Bukani uPawulu noSila behla, lowombhuli omncane ehlezi phezulu lapho, nalowombhuli omncane wathi, “Lawa ngamadoda kaNkulunkulu asitshela indlela yokuPhila.”

Abashumayeli bathi, “Bangabangenalwazi, bagumbuqela izwe, bangabakhohlisi.” Niyabo?

²³⁷ Niyabo, lowodeveli wayazi kakhulu ngoNkulunkulu kunoma babazi. Kunjalo. Manje, kodwa akunjalo ngabazalwane bami ngalezizinsuku, lawa angamadoda, ngingasho ngabashumayeli lapha, babengeke bahlale lapha ukuba bebekukholwa lokho, bebeyobe sebehambile. Bahlezi lapha ngoba bayakukholwa, bashumayela ngakho, bakukholiwe; bame emakhoneni emigwaqo, bakhala, banxiba. Akabongwe uNkulunkulu ukuthi siphilela ukubona izinsuku ukuthi Ugwalisa isithembiso saKhe. Abelusi benu, benifanele niziqhenye ngabo, nginjalo, futhi ngiyazi Unguye, futhi, amadoda kaNkulunkulu.

²³⁸ Manje, lendoda emi phambi kwami, angiyazi indoda. Incane kakhulu kunami. Angikaze ngiyibone empilweni yami, ngokwazi kwami. Kodwa imi lapha ngenhloso ethize. Manje, kungahle kube ukuthi ingahle ukuba iyindoda eganiwe, enezinkinga zasekhaya ekhaya layo, ingahle ukuba iyagula,

ingahle ukuba imele omunye umuntu, kungahle kube yisidingo sezezimali, angazi ukuthi izele ini lapha, anginalwazi, angikaze ngiyibone empilweni yami, kodwa imi lapho.

²³⁹ Manje, uma-ke igula na? Awu, uma igula, bengingeyiphulukise. Kodwa okuwukuphela... Uma uJesu emi lapha, Ubengingeyiphulukise. Bangaki okwaziyo lokho na? Usevele ukwenzile. Niyabo? Kodwa into kuphela uJesu abengayenza bekungaba ngukuyazisa ukuthi WayesenguJesu owenza isithembiso (Kunjalo na?), lowo owenze umsebenzi.

²⁴⁰ Ngakho-ke, uma indoda ikukholwa, ibiyophulukiswa. Uma bekuyinkathazo yezezimali, ibizokwazi ukuthi uNkulunkulu ubelukhathalele udaba lwayo ngoba lubonakale phambi kwaKhe, hhayi umuntu, kodwa uNkulunkulu. Niyabo? Manje, uma uMoya oNgcwele... Lendoda iphakamise isandla sayo ukuthi bengingayazi, yona, angiyazi, nayo ayingazi. Uma uMoya oNgcwele uzoyenzela okuthize manje!

Manje, uma ngihambe ngaleya, futhi ngithi, “Mnumzane, uyagula na?”

Ibiyothi, “Yebo, mnumzane, ngiyagula.”

“UNkulunkulu wangithumela nesiphiwo sokuphulukisa. Uyakukholwa lokho na?”

“Yebo, mnumzane, ngiyakholwa.”

Ngibeke izandla zami phezu kwayo, “Hamba, usinde eGameni likaJesu.”

²⁴¹ Ngikholwa ukuthi ibiyosinda. Impela, ngikholwa ukuthi uNkulunkulu uneziphiwo zonke, zisebenza kulolonke ibandla ndawo zonke, ngiyakukholwa lokho. Ngikholwa ukuthi iziphiwo zokuphulukisa zisebandleni. Awudingi ukuba ube ngumshumayeli, ngisho, ube yilunga nje, noma ubani, ozizwa eholeleka ukuba ahambe akhulekele omunye umuntu, hamba ukwenze, leso yisiphiwo sokuphulukisa sisebenza kuwe.

²⁴² Kodwa manje, ibiyo—ibiyoba nokuthile ukukungabaza lokho. Kodwa uma-ke uMoya oNgcwele ufika futhi uyitshela into ethize ebiyiyo, into ethize ebingafanele iyenze, noma into ethize eyayenza, noma into ethize ebifanele ngabe iyenzile, futhi yangayenza, iyitshela into ethize engalungile ngayo, noma iyitshela ukuthi obekuyikho na? Uma Azi ukuthi bekuyini, impela Uzokwazi ukuthi kuzoba yini ngaleyonkathi. Akunjalo na?

²⁴³ Manje, uma Ezokwenza into enjalo, wonke umuntu lapha uzofanele azi ukuthi kuvela emandleni. Beningakukholwa ukuthi kuyisithembiso enginifundele sona kulobubusuku, futhi ngashumayela kini siphuma eBhayibhelini, ukuthi NguJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu na?

²⁴⁴ Kulungile. Manje, ngenhlonipho yokuzithoba nje njengoba ungaba njalo, ngoba, uyabo, futhi wonke umuntu akahloniphe

ngokuzithoba nje, unganyakazi, ngoba ngibamba umoya wakho, uyabo. Futhi ngi—ngifuna ukwazi... Yiba semkhulekweni oqotho nje.

²⁴⁵ Manje, lokhu okungenakuphosisa, njengoba uNkulunkulu engenasiphosiso... Anginayo indlela yokwazi lendoda, yehlela lapha, futhi bakhapha amakhadi omkhuleko, beza lapha futhi baxubanisa isigejane esikhulu samakhadi omkhuleko, futhi baqala ukuwakhapha. Lokho kukhombisa ukuthi umfana owanikezelayo ubengeke athi, “Uma unginika amadola amahlanu, ngizokufaka emgqeni.” Abazi, ngoba baxubanisa amakhadi phambi kobuso bakho ngqo, bakunika nje noma yini oyifunayo.

²⁴⁶ Omunye angahle athole elokuqala, omunye athole eleshumi nanhlanu, omunye athole amashumi ayisishiyagalolunye-nanhlanu. Bese kuthi-ke—bese kuthi-ke lapho befika, akukho-muntu owaziyo ukuthi sizobiza kuphi, ngize ngifike lapha. Khona-ke noma yikuphi lapho iNkosi ingiholela khona, ngibiza nje kusukela lapho. Ngezinye izikhathi ngibiza abambalwa *lapha*, nabanye emuva *lapha*, nabanye ngalapha. Bangaki abakubonile lokho kwenziwa na? Ngalapho, nangalapho, ngalapho, ndawo zonke. Ngakho lapha simi lapha, nani phandle lapho ngaphandle kwamakhadi enu.

²⁴⁷ Manje, mnumzane, ngifuna nje ukukhuluma nawe umzuzwana. Indlela umi lapho, inhliziyo ikhala kakhulu, “Jesu,” uphakamise isandla sakho, indlela ebiyonginika ukwazi ukuthi ungumKristu, noma ubungavele nje ukulingise lokho, uyabo, wenza nje sengathi ubunguye. Uma khona, uma enguye, bheka ukuthi kwenzekani. Manje, bathe nyelele bangena emgqeni kaninginingi, baye babathwala babakhapha, nakho konke okunye.

²⁴⁸ Ngakho, uma iNkosi uNkulunkulu izongitshela okuthize ngawe, lezizethameli ezilindile, into ethize oyizele lapha, yini isizathu sakho umi lapha emsamo, ubungaba ngumahluleli noma ngabe bekuqinisile noma qha. Ubuyokwenza na? Ubuyokwazi ukuthi ngabe bekuqinisile yini. Futhi uma kuqinisile, uzovuma ukusho ukuthi kuqinisile; uma kuliphutha, uthi kuliphutha, yilokho kuphela.

²⁴⁹ Uzela mina ukuba ngikukhulekele, isimo somzimba wakho, nalesosimo siyisimila ohlangothini lwakho. A-hha. Uyakukholwa na? Manje, manje, ubonakala enokuxhumana okuhle kukaNkulunkulu njengamanje, ovumela umgxeki, noma okuthize, okungenzeka ukuthi mhlawumbe umi eduze kwakhe, angahle azi ukuthi akakuqagelanga nje.

²⁵⁰ Manje, khona manje, angazi ukuthi ngimtsheleni. Indlela kuphela engiyaziyo yilesisiqophi sihlezi lapha, khona-ke iteyipu iyabuya, ngosuku olulandelayo bazoyidlalela mina; kufana nephupho. Manje, lowo bekungesimi. Angazi lutho ngendoda,

niyabo, akungaphezu kokuba lombhobho ukwazi ukukhuluma, kuzofanele kube yinto ethize ephilayo ekhuluma kuwo. Angiyazi indoda, ngakho kufanele kube nguNkulunkulu ekhuluma phakathi.

Manje, ukuthatha isikhathi sami nje, uma nje ngigcina oyedwa lapha isikhashana, ukuze nje nizokwazi, niyabo, lokho bekufanele kwenele bonke.

²⁵¹ Manje, umzuzwana nje, mnumzane, ngifuna nje ukuthola ukuxhumana nomoya wakho. Leyo yinto efanayo iNkosi yethu eyayenzayo ngenkathi Ikhuluma nowesifazane emthonjeni, yathi, “Ngiphuzise,” niyabo. Yayizama kuphela uku co-... UBaba waYithumela phezulu lapho.

²⁵² Yayinesidingo sokudlula ngaseSamariya, kodwa ngenkathi Ifika lapho, owesifazane uyaphuma, ngakho Yadingeka ukhulume naye, ixhumane nomoya wakhe, leyo yinto efanayo engiyenzayo khona manje. Yebo, ngiyakubona, yisimila ngakwesokudla sakho, unaso esisodwa engalweni yakho, futhi. Kunjalo. Kunjalo. Bathathu kuphela abantu emhlabeni abebazi ngakho, lowo bekunguye nodadewabo, kodwa kukhona Oyedwa ngaphezulu owazi ngakho.

²⁵³ Manje, ake sikhulume naye umzuzu. Kade ukhulekela omunye umuntu, futhi, umntwana, inkathazo yamathansela, ehlezi khona lapho. Kuzoba kahle, ngakho ungabe usazikhathaza ngakho.

Uyakholwa na?

Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uyakwazi ukuthi ungubani na? Mnu. Morrison, Jack, hamba uye ekhaya, usinde.

“Uma ukholwa, konke kungenzeka kwabakholwayo.”

²⁵⁴ Manje, uma ngingashongo nelilodwa izwi kuwe, futhi ngavele nje ngakukhulekela, uyakholwa ukuthi kukhona ugcobo lapha emsamo na? Uyakholwa na? Ubungakukholwa lokho na? Ukuba-ke bengikutshelile, uphulukisiwe ngaphambi kokuba ukhuphukele lapho, ubuyokholwa na? Awu, ucabangani ngomzukululu wakho na? Ucabanga ukuthi ubeyosinda, naye na? Kulungile. Qhubeka futhi ukholwe. Beka leloduku phezu kwakhe.

Uyakholwa na? Yiba nokukholwa.

²⁵⁵ Ungumntwana nje kimi, ntombi. Angikwazi, kodwa nasi isithombe esifanayo njengakuJohane oNgcwele isahluko 4, owesifazane nowesilisa. Owesifazane osemusha othandekayo umi lapha, ubukeka ephile saka. Angazi lutho ngaye, angikaze ngimbone empilweni yami. Siyizihambi omunye komunye, asinjalo, nenekazi na? Yebo, mnumzane, sinjalo.

²⁵⁶ Uma uNkulunkulu eyiZwi likaNkulunkulu, okunguKristu enziwe inyama, futhi uma Engenziwa abe ngokoqobo enyameni yethu, Ayingcwelisa ngeGazi laKhe uQobo, ethumela uMoya

oNgcwele waKhe etabernakele . . . uNkulunkulu wayekuKristu. UNkulunkulu uyehla futhi waMakhela, wenza ithende, njengomuntu. Wa—Waguqula ukubonakala kwaKhe futhi waba ngumuntu, uNkulunkulu wakwenza, ukuze Angcwelise iBandla Ayengahlala kulo, futhi iminyaka eyizinkulungwane ezimbili wenza izimangaliso zaKhe, futhi wafakazisa ukuthi WayenguNkulunkulu ofanayo ephila kubantu baKhe, uNkulunkulu etabernakele kumuntu.

²⁵⁷ Uma uNkulunkulu ezokwembula kimi, ngoMoya waKhe, ukuthi yini inkathazo yakho, uzongikholwa ukuthi ngingumprofethi waKhe, noma, inceku yaKhe na? Uyakukholwa lokho na? Ubungakwemukela ukuthi kuvela kuNkulunkulu na? Khona-ke uyosingatha leyongane oyifunayo, oyikhulekelayo. Hamba, ukukholwe, ngikunika lowomntwana eGameni likaJesu Kristu. Hamba, ukwemukele. Ungangabazi. Ubukufuna lokho isikhathi esithile. Kulungile. Hamba, ukholwa.

“Uma ukholwa.” Uyakholwa na?

²⁵⁸ Kulungile, nenekazi, angikwazi. Umzuzwana nje, u . . . Kuyaqala esakhiweni manje, nakhu Kuphumile, futhi kwasuka emsamo, kwangena endlini. Ukhona oMthintile, impela njengoba ngimi lapha.

²⁵⁹ Kukhona owesifazane osemncane omi lapha, angikwazi ukumbona ukuthi ukuphi. Ngiyambona, unenkathazo yentamo, isifo samathambo somgogodla. Uma uzokholwa ngayo yonke inhliziyi yakho, uJesu Kristu uyakusindisa. Kwamukele, kukholwe, inenekazi elincane elihlezi lapha lifake izibuko, izinwele ezimnyama, sukuma. Ngikunika ukuphulukiswa kwakho, eGameni likaJesu Kristu.

²⁶⁰ Uthinteni na? Buza inenekazi. Angikwazi, ngiyakwazi yini, nenekazi na? Angikwazi, ngiyakwazi yini? Qhabo. Uma ngingakwazi, phakamisa isandla sakho, nyakazisa isandla sakho. Uma lokho bekuyinkathazo yakho, Akutshela khona, nyakazisa isandla sakho. Manje usuphulukisiwe.

²⁶¹ Uthinteni na? Uqhele ngamafidi angamashumi amathathu kimi. Uthinte umPristi oMkhulu, futhi Wenza njengoba nje Enza ekuqaleni. Manje, lowo nguJesu ofanayo, onguye izolo, namuhla, naphakade. Yiba nokukholwa, ungangabazi.

²⁶² Abanye benu nonke, ngiphosela inselelo ukukholwa kwenu ukuba nikhholwe, hhayi mina, kholwani iZwi likaNkulunkulu, kholwani ukuthi nginitshela iqiniso. Ngiphosela inselelo ukukholwa kwenu uku—ukukholwa lokho.

²⁶³ Emva kwakhe ngqo, ukwenzile, awukwenzanga yini, nenekazi na? Uhlezi emva kwakhe ngqo lapho, uhlezi lapho unomfutho wegazi ophakeme, sukuma ume ngezinyawo zakho. Uma lokho kuyiqiniso, phakamisa isandla sakho. Uma ngingakwazi, phakamisa esinye isandla sakho. Ngikunika

ukuphulukiswa kwakho, eGameni likaJesu Kristu. Uthinte Yena, Impela Uyazi ngawe. Hamba uye ekhaya, futhi uphile.

Yiba nokukholwa kuNkulunkulu, ungangabazi. Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke na?

²⁶⁴ Into ethize exakile ngaye, angikwazi, uNkulunkulu uyakwazi. E-hhe. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokuphulukisa, futhi akusindise na? Awusuye owalapha, ungowasendaweni ebizwa ngeHuntington. Igama lakho nguNkk. Day. Ukhulekela umfowenu, umfowenu useGalveston esibhedlela, u—uyalutheka. Hamba, ukholwe, ungangabazi, uJesu Kristu uyakukhulula, eGameni likaJesu Kristu.

Yiba nokukholwa kuNkulunkulu. Uyakholwa na?

²⁶⁵ Ukuba-ke bengingashongo lutho kuwe, ngavele ngabeka izandla nje phezu kwakho, ubungakholwa, nenekazi na? Woza lapha. Yemukela ukuphulukiswa kwakho, eGameni likaJesu Kristu. Hamba, ukholwe.

Ukuba-ke bengikutshela ukuthi isifo sikashukela siyobe sesihambile, ubuyokukholwa na? Hamba, ukholwe, ungangabazi.

²⁶⁶ Ngenkathi uhlezi khona phansi lapha esikhashaneni esedule, uyabo, ngikubonile uphethwe yinkathazo yenhliziyo. Nawe unokuthile okungalungile emhlane wakho. Manje hamba ukholwa, futhi uzosinda uma ukholwa ngayo yonke inhliziyo yakho.

²⁶⁷ Woza, ntombi. Uyangikholwa ukuthi ngingumprofethi waKhe na? Uyintombi encane, kodwa unenkathazo yabesifazane, ukuconsa, yithumba elinobomvu esibeletweni. Ungangabazi, kholwa. Hamba, futhi akusophinde kwenzeke, ungaphiliswa. Kholwa ngayo yonke inhliziyo yakho.

²⁶⁸ Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke na? Niyabo, uma nje nizokholwa manje, ngokuphelele nje nguMoya oNgcwele usebenza.

Ukuba-ke nje bengibeka izandla phezu kwakho, ubungacabanga ukuthi uzosinda na? Woza, nenekazi.

Egameni likaJesu Kristu, kwangathi angaphulukiswa. Amen.

²⁶⁹ Woza, ukholwa. Uma ngingashongo nelilodwa izwi kuwe, ubungakholwa uma ngibeka izandla phezu kwakho, ubuzosinda na? Awu, woza, nalelosifo sikashuk-...Awu, qhubeka, isifo sikashukela sizoba kahle, uzosinda. Hamba, ukholwe ngayo yonke inhliziyo yakho.

²⁷⁰ Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke, wonke umuntu na? Kholwani manje. Manje bukani nje, manje, Wathini na? Niyazi kukhona uhlobo oluthize logcobo lapha ndawondawo olukwaziyo. Uyakholwa lokho na?

277 Ngibona inenekazi lihlezi lapha liphakamise ikhanda lalo, liyakhuleka, lokho kuKhanya kulenga phezu kwalo ngqo. Ngiyesaba nje angeke likubambe. Linenkathazo yezibilini nenkathazo yeqolo. O Nkulunkulu, ngethemba ukuthi li. . . Nkk. Dickman, sukuma futhi wemukele ukuphulukiswa kwakho. Kulungile. UNkulunkulu akubusise, inenekazi lapha eligqoke ijezi elibomvu elinomfonomfo yilona.

278 Khona ngapha ekugcineni kohlu, kukhona owesilisa nowesifazane behlezi lapho, owesifazane ubenenqwaba yenkathazo. Ube nokuhlinzwa cishe okuyidazini, waba nenkathazo yesibindi, umyeni wakhe unenkathazo yomthambo. Mnu. noNkk. Main, kholwani ngayo yonke inhliziyu yenu, futhi niye ekhaya futhi niphulukiswe. UJesu Kristu uyanisindisa.

Nginiphosela inselelo ukuba nibuke ngapha futhi nikukholwe. Ngiyanicela ukuba nikukholwe. Haleluya! Bangaki okholwayo ngenhliziyu yakho yonke na?

279 O, mngane oyisoni, ungathanda ukwemukela loJesu na? Nina eniphakamise izandla zenu beniyizoni, wozani lapha umzuzu nje, ake ngibeke izandla phezu kwenu, nizokwenza na? Yehlela lapha ngqo manje, mngane oyisoni. Woza lapha, ngikumemela kuKristu. Woza, ake ngibeke izandla phezu kwakho. Uma uNkulunkulu azi inhliziyu yakho, Ufuna ukuba uthethelelwe izono zakho.

280 Wozani khona manje, nizungeze i-altare lapha, nizokwenza na? Sonke isoni esakhiweni esifuna ukwemukela uJesu njengoMsindisi wabo, yehla ngqo manje, bonke, kunjalo, ngenkathi uMoya oNgcwele usagcoba. Yehla ngqo, kunjalo.

281 Woza wonke umphefumulo wesono ocindezelwe, kukhona umusa eNkosini. Ungeze na? Wozani nizungeze ngqo. Lokho nje kuhle. Wozani, sonke isoni esingamazi uNkulunkulu, ufuna ukukhunjulwa manje emkhulekweni, futhi ufuna uNkulunkulu asindise umphefumulo wakho, ngenkathi Eselapha ekhona.

282 UMoya oNgcwele wangimisa ngaleyonkathi nje, wathi, "Biza! Nginabantwana abalindile phandle lapho." UNkulunkulu ofanayo ongakhuluma ngokungenasiphosiso, Angesho into efanayo na? Manje yihora, manje yisikhathi. Phumani, wonke umuntu ofuna ukuthola uKristu njengoMsindisi, woza ngase-altare lapha umzuzwana nje. Uzokwenza na?

Woza, wonke umphefumulo ocindezelwe
yisono,
Kukhona umusa eNkosini,
Futhi impela Izoniphumuza,
Ngokwethemba eZwini laYo.

Themba Yona kuphela. . .

283 Uyakwazi. Woza manje, uzokwenza na? Woza uMethembe. Ufuna ukufana nalowomama wenyamazane idiye omdala na? Ufuna isehlakalo sangempela noNkulunkulu na? Woza koyedwa, woza eNkosini uJesu, Ongakunika lesosehlakalo. Lungu lebandla, ngabe uye wakhungatheka na? Woza manje. Woza, lungu lebandla.

. . . wena,
Uzokusindisa manje.

284 IMethodisti, iBaptisti, iPresbyterian, iLuthela, iKatolika, iPentecostal, ongaqinisekile ngesipiliyoni sakho, uzoza na? Asikuceli ukuba ujoyine noma yiliphi ibandla. Sikucela nje ukuba uze lapha futhi umele izwi lomkhuleko. Ubufuna ukubona into ethize yangempela. Yini enye ekhona ngempela kunoJesu Kristu owavuka kwabafileyo esizukulwaneni esibi nesiphingayo, Ezikhombisa ukuthi Uvukile kwabafileyo, njengoJona, ephuma esiswini somkhomo na? Uphila kuze kube phakade. Ungeze manje, sisalricula futhi na?

Themba Yena kuphela . . . (. . . ? . . .)
. . . Uzokusindisa,
O, Uzokusindisa . . . (Woza mfowethu
oyiPresbyterian . . . ? . . .)

Themba Yena kuphela . . .

285 Wonke owesilisa noma owesifazane ongenawo uMoya oNgewele, mabame ngezinyawo zabo manje, bonke abafuna uMoya oNgewele.

O, Uzokusindisa, Uzokusindisa,
Uzokusindisa manje.

286 Ngifuna ukucela abafowethu abangabefundisi lapha emsamo uma bengakwazi, futhi bengehlela phansi ngakulezizoni ezizisolayo lapha, ngifuna nehle, sifuna ukubeka izandla phezu kwabo, sikhuleke nabo, sibakhiphe, nibamemele emabandleni enu, noma ngabe bakuphi, kwangathi bangaba ngamalunga.

287 Bukani, bangane, nina enimi lapha, yinye kuphela into . . . Ake nginikhombise ukuthi kwenzekeni. UJesu wathi, "Akekho ongeza kiMi, uma uBaba waMi engamdonsi." Khona-ke uNkulunkulu waniletha lapha, Akazange anilethele ize lapha. Usukume esihlalweni sakho futhi uze, yilokho kuphela ongakwenza ukwenza ukuvuma. "OyoNgivuma phambi kwabantu, yena Ngizomvuma phambi kukaBaba waMi neziNgelosi ezingwele." Yilokho Akwethembisa. "Okholwa yiMi, noma efa, wophila. Ophila akholwe yiMi, akasoze afa."

288 Ngiyanibuza manje, njengoba sikhothamisa amakhanda ethu ngomkhuleko, bangaki phakathi lapha manje ogulayo nohluphekile okwamanje na? Phakamisani izandla zenu. Manje,

bekani izandla zenu phezu komunye nomunye. Beka ezakho . . .



61-0119E INdlovukazi YaseSheba
E-American Legion Hholo
EBeaumont, ETexas E-U.S.A.

ZULU

©2024 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org

Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS

P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.

www.branham.org